# SIKHOMBISE UYIHLO KUZOSANELA

Ngiyabonga, Mfowethu Borders. Asicele uNkulunkulu manje okwezicelo zethu. Sikwazise ngokuphakamisa isandla sakho, "Nkulunkulu, ngikhumbule."

2 Baba wethu waseZulwini, manje sesisondele enkonzweni yokuvala yalomkhankaso omncane, omfushane. SiyaKubonga, Baba, ngayo yonke inhliziyo yethu, ngalokho Osenzele khona, leliqembu labantu. Futhi ezinhliziyweni zethu kulotshiwe, uyinki ongacimekiyo kaNkulunkulu, ukuthi uJesu Kristu usaphila futhi ephilela ukwenza izinxuselo njalo; siyaKubonga ngalokhu.

3 Siyakhuleka, Baba, ukuthi akekho ozosala ngaphandle, ukuthi wonke umuntu oseBukhoneni bobuNkulunkulu angemukela lokho okwabo. . .abakuphakamisele izandla zabo. Sihlephulele iSinkwa sokuPhila manje, phambili, Baba, njengoba silinda, ukukhuthaza ukukholwa kwethu. EGameni likaJesu siyakucela. Amen.

4 Ningahlala phansi. Kuhlala kunokuthile ngomhlangano ukuthi kunzima ukuhamba. Siba nempi, silwe, sishikashikeke ngapesheya emazweni, kodwa khona-ke ngesikhathi esifika ngaso endaweni lapho eniqala khona ngempela ukwazana, niyama futhi nifanele niye kwenye indawo. Abazalwane basanda kungitshela emizuzwini embalwa edlule, umfowethu *laphaya*, nonke ningimemile ukuba ngibuye; ngiyanibonga ngalokho. Lokho kukhombisa ukuthi nisalithanda iZwi. Ngiyanibonga kakhulu.

5 Futhi ngiyahamba manje, ngiya eVancouver Island, ngiqala lapho ngoLwesibili ebusuku, ngale endaweni ebizwa ngePort Alberni, e-Alberni. Port Alberni, ngikholwa ukuthi yiyo, ngale ngakolunye uhlangothi lweVancouver Island. Ngilapho ngoLwesibili, ngoLwesithathu, nangoLwesine. Bese kuthi-ke ngoLwesihlanu, ngoMgqibelo, nangeSonto ngibuyela eVictoria, esiqhingini. Ngakho uma noma yimuphi wabantu benu behlala ngalapho, ngani, singajabula ngempela ukunibona. Futhi ngine. . .Kusasa ngizohamba.

6 Abazalwane banikele ngokungithatha, bangikhiphe lapha, ukudoba. O, he. Bengingathanda kanjani ukwenza lokho! Ngiyakuthanda nje lokho. Futhi uMfowethu Rasmussen, isikhathi sokugcina ngiphezulu lapha, wangikhiphela lapha eCoos Bay, noma into efana naleyo, futhi, o, ngabamba inhlanzi enkulu kakhulu leyo. . .Ngacishe. . .Ngi—ngisakuzwa

lokho kudluthula ekugcineni kodobo, kodwa ngikuthanda kahle kakhulu lokho. Kodwa, uyazi, ngi—ngifisa sengathi ngingakwenza lokho, futhi khona-ke ngivele ngihlale esikebheni futhi ngikhulume nabazalwane, nakho konke. Bekuyoba isikhathi esihle kakhulu, ngiqinisekile.

7 Kodwa angikwazi nje ukukwenza, ngoba lezozikebhe eziya emuva naphambili ziminyene abantu, singadingeka silinde mhlawumbe usuku ukuze sedlule lapho. Futhi izikebhe ziminyene kakhulu, bathi, ngesinye isikhathi ziletha amakhulu amane nangaphezulu ezimoto ngesikhathi esisodwa. Omunye ungitshele ukuthi kufanele ubhuke kusasele usuku, ukuze uwele ezindaweni eziningi. Ngakho ngifisa sengathi bengingaluthatha lolo hambo, bazalwane. O, he. Nge—nge—ngethemba ukuthi nizohamba, futhi ngi—ngizobe ngikuthokozela ngoba niyakuthokozela, niyabo.

8 Kodwa ngesinye isikhathi, ngapheseya le ngakolunye uHlangothi, lapho ukujaha sekuphelile, futhi yonke into isizinzile, futhi. . .ngithemba ukuhlangana ngamunye wenu. Ngazi abaningi benu bazalwane lapha, abazingeli nabadobi, niyawazi umkhuleko wamaNdiya. Lapho konke sekuphelile, ngiyethemba, ezansi le emikhondweni yezinyamazane emikhulu ezansi kudabule eNkazimulweni, ukuthi siyagijima sinqwamane omunye nomunye futhi, ngenkathi sisashikashikeka ezansi sidlula lapho; azipheli, azisoze zayeka. Futhi noma iyiphi indoda ethanda amahlathi nezinto, njengani bantu lapha e-Oregon nifanele nikwenze, khona lapha endawaneni enhle yezwe, kukhona umkhondo omkhulu kakhulu wezinyamazane laphaya ongapheli nje. Ngizobe nginifuna ezansi nomgwaqo ndawo ndawo, ngizoya, kodwa ngizonibona lapho, ngomusa kaNkulunkulu.

9 Futhi odadewethu, bengingacabanga ngibona omunye ezansi ngaseziphethwini, ezansi lapho, zona ziphuphuma, ngibone odadewethu abathandekayo ezansi lapho, ukuthi, behlezi phansi, behlikihla umhlwenga webhubesi, noma ingwe, noma okuthize. Ngeke kube khona okulimazayo Lapho. Ungahle uhlale lapho iminyaka eyisigidi futhi ngeke ube nesikhathi esinciphayo kunaleso owasenza lapho uqala ukuza lapho. Kuyoba yinkazimulo lapho sifika Lapho, ngiyalulangazelela lolosuku. Namuhla ngiyazabalaza, ngizama, ngidonsa, ngicindezela, ngikhala, ngikhuza, konke engingakwenza, ngoba ngifuna ukubona wonke umuntu Lapho, mina ngizama nje ngayo yonke inhliziyo yami.

10 Abaxhasi bami, ngiwazisa kanjani lawo madoda, uNkulunkulu kuphela owaziyo ukuthi ngiwazisa kanjani. Kusobala, bayaqonda ukuthi ngiyakwazi abedlule kukho. Ngiyabakhulekela, futhi hhayi manje kuphela, kodwa ngizobakhulekela njalo njalo. Badlule empini enkulu; amadoda azokwenza lokho ukuze angenise okuthile abakholelwa ukuthi

ngokukaNkulunkulu ukukhuthaza abantu bawo nebandla, nginezinhlonipho ngabo. Bangabezinhlangano mhlawumpe ezahlukene. Mhlawumbe abanye bangabe-Assemblies of God, abanye iChurch of God, kanti abanye abazimele, futhi abanye, o, *into eyodwa nenye*, kodwa sindawonye, singabazalwane.

Nginabantwana. Lapho ngiyozithengela u-ayisikhilimu lezozingane, ngiyakutshela, enye ithi, "Ngilethele i-vanila."

Enye yathi, "Ngilethele ushokoledi."

Futhi enye yathi, "Ngilethele i-strowubheri."

11 Lapho ngibuya, ngibukeka sengathi nginothingo lwenkosazana, lapho ngibona yonke imibala ehlukene. Kodwa uyazi ukuthini na? Bonke bangabantwana bami, bonke badla u-ayisikhilimu, ukunambitheka akunandaba. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, anazi yini, bazalwane na? Ukunambitheka akubalulekile, sidla u-ayisikhilimu. Sikholelwa kuNkulunkulu ofanayo, isehlakalo esifanayo.

12 Futhi niyazi, emva kwakho konke, uthingo lwenkosazane luyisivumelwano. Kunjalo. Ngakho sinesivumelwano ezinhliziyweni zethu sokuba ngabazalwane, sisebenza ndawonye eMbusweni kaNkulunkulu, nasenkazimulweni kaNkulunkulu. Sengathi ningavayizelisa lelobhanela lenkazimulo yaKhe, bazalwane, sengathi uNkulunkulu angaba nani njalo. Lapho amahora emnyama futhi enzima, ngizobe nginikhulekela, nani nizobe ningikhulekela, sisalokhu sidoba ngenethi, size sihlangane ngakolunye uHlangothi.

13 Umfowethu ongusihlalo omncane lapho, ngicabangile, ngenkathi ngiqala ukuzwa igama lakhe, ngathi, "Ufanele ukuthi ungumNtaliyane," ngithola ukuthi, ungumRashiya. Futhi ngenkathi ngisenhla eFinland futhi nginomhlangano, ngangisemngceleni waseRashiya ngqo. Manje, lalelani, lapho abantu benitshela, ngingasho lokho ngalomfowethu othandekayo lapha, niyazi ukuthi uyini, uhlala lapha kanye nani, kodwa wonke umuntu uyanitshela, futhi sizwa inqwaba yemfundiso-ze, ukuthi iRashiya yonke iyikhomanisi. Futhi ungena lapho. . . Ungawukholwa lowombhedo, kunezigidi zamaKristu eRashiya. Ngani, niyazi uk'thini? IRashiya, kunephesenti elilodwa kuphela laseRashiya, kuyo yonke, eliwubukhomanisi. Lezo izibalo zikahulumeni, iphesenti elilodwa. Okudingwa yiRashiya yimvuselelo, badinga amadoda kaNkulunkulu ukuba athi qekelele nokuthile kwangempela.

14 Ngenkathi lowomfanyana evuswa kwabafileyo, eFinland, okwashiwo eminyakeni emibili ngaphambili, lapha, wayezovuka kwabafileyo, ngenkathi lowomfanyana evuswa kwabafileyo. . . Futhi babengingenisa e. . . eHelsinki, ngehla ngedlula lapho. Futhi babene. . . Ngihlale njalo. . . Ihholo elikhulu kuphela engake ngaba kulo ngaphambilini, kusukela ngaleso sikhathi, elinohlamvu lwegama, kwakuhlezi kuphela cishe,

ngiyacabanga, izinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu, ezingamashumi amathathu. Futhi babevumela iqembu elilodwa lingene, bangivumele ngikhulume nabo, beseke bebakhipha bonke, futhi bangenise elinye iqembu, kungene iqembu elisha.

15 Lapho ngehla nge—ngendlela, ngaqaphela amasosha amancane aseFinland. Kwakungemva nje kwempi ngqo ababenayo neRashiya, futhi impela babene . . . inqwaba yamadoda abo yabulawa. Futhi labo bafana abancane, abanye babo bebancane kakhulu abakaze bashefe, ubuso obubushelelezi, befake lawo mabhuzu amakhulu amadala, leyo mimese emikhulu emidala ne . . . ilenga ohlangothini lwabo, behla ngomgwaqo, futhi babengingenisa phakathi kwabo.

16 Ngenkathi ngedlula ezansi lapho, amasosha angamakhomanisi, manje, angidingi ukuthatha izwi lanoma ubani ngalokhu, ngangilapho, amasosha angamakhomanisi, ngenkathi ngedlula, ayema lapho, nalokho kubingelela kwaseRashiya, izinyembezi zehla ezihlathini zawo. Athi, "Siyomemukela uNkulunkulu onjalo, ongavusa abafileyo." Kwahamba kwadabula lonke elaseRashiya.

17 Into yakho ingukuthi, okwenza iRashiya ibe ngamakhomanisi kungenxa yobuthakathaka bebandla eliKatolika lapho, elathatha yonke imali kubantu futhi alangababuyisela lutho, futhi abazange baphile nayikuphi ukuphila okwehlukile nakho konke okunye. Yilokho okwenza umhlaba wonke uphendukele ebukhomanisisini. Kunjalo. Lapho bebona okuthize kwangoqobo, balungele ukuphuma, bakwemukele.

18 Ngibone amasosha angamakhomanisi aseRashiya ligaxa isosha elingumKristu laseFinland futhi lilimbambatha emhlane. Lalela, mfowethu, noma yini eyokwenza umRashiya nomFini bagonane iyoxazulula izimpi phakade. UKristu uyimpendulo yayo yonke inkinga, kodwa kungukuthi, kubo, kufanele kube ngokoqobo.

19 Angisoze ngabukhohlwa lobobusuku, intombazanyana yaseFinland . . . Mina . . . Bangithatha bangingenisa egumbili lokulala abantu abaningi, futhi njengoba kwakunjalo, futhi ngangingayazi into encane. Futhi isithombe sayo sisencwadini emuva lapho. Ngakho yayinomlenze owodwa cishe omfishane ngamayintshi amane noma amahlanu kunomunye, yayinesicathulo esikhulu esasakhiwe ngaphansi kwalo, yayine—insimbi ngakuyo *lapha*, nebhande ekugcineni konyawo lwayo olungalungile linqamule ehlombe layo, futhi yayinezinduku ezimbili zokuqhugela. Futhi yayisanda kuphuma nje endlini yokuzikhulula yamanenekazi ngenkathi ngidlula, nalamasosha amancane aseFinland engena.

20 Ngangiphawula, ngizama ukukhuluma nawo, ngikhomba ngomunwe wami kulawomaRashiya lapho, ukuthi ayebuhlonipha kanjani ubuNkulunkulu. Futhi ngakho ngenkathi singena ngaphakathi, lona wesifazane omncane, intombazanyana, iphuma endlini yokuzikhulula yamanenekazi. Ayekade ethi, "Akungathinti muntu."

21 Ngiyazithanda izinganyana, futhi ngangizithola zonke ntambama lapho abazalwane wayebambe imihlangano, futhi zonke zazingena, ngangithola enye yaleyomali yaseFinland futhi ngiphumele lapho, ngangishayelela izingane zehla zenyuka ngomgwaqo, ngizithengela uswidi. Ngi—ngiyazithanda izinganyana.

22 Futhi ngakho lentombazanyana yayiphumile, yayicabange ukuthi yayenze okungalungile, yaphumela lapho engangikhona, yase ima, futhi yabhekisa ikhanda layo phansi, izinwele ezibukeka zimanikiniki, neziketi zayo ezincane zimanikiniki. Ngathola kamuva ukuthi yayiyintandane yaseFinland; yayingenayise noma unina, futhi ngakho . . . babulawa empini.

23 Futhi lapho ingibona, ngangingena *ngapha*, futhi yayimi ngaku*lolo* hlangothi, futhi yagwacisa ikhanda layo elincane. Ngase ngima, amasosha amabili emva kwami aqhweba, futhi base bevele becula, *Kholwa Kuphela*, kodwa ngalinda nje, ngangazi ukuthi leyonganyana yayifuna okuthize. Futhi yaphinda yangibuka futhi, yaphakamisa ubuso bayo obuncane futhi yabuka, ngangingakwazi ukukhuluma ulwimi lwayo, ngakho ngayiqhweba ngomunwe wami, yeza ngapho, lapho engangikhona.

24 Lapho iqala, indlela eyayizofanele ihambe ngayo, yayisusa lezizinduku ezimbili, ithathe ihlombe layo elincane futhi iphakamise lolonyawo ilubeke *kanjalo*, bese iyahamba, bese-ke iphakamisa ihlombe layo elincane bese isusa lolonyawo olukhubazekile. Ngacabanga ukuthi ngizombuka nje lowomntwana; kuyamangalisa ukubuka abantwana. Futhi ngambuka, futhi wayelokhu esondela, esondela, esondela.

25 Ngavele ngama ngathula, nalawomasosha avele aphenduka ukuba abuke. Futhi lapho esesondele kakhulu kimi, wama, wangibuka, wayesethatha isandla sakhe esincane futhi weselulela phansi, wacosha ijazi lami, waqabula iphakethe lejazi lami, walidedela. Ngambuka nje, wabheka phezulu, nezinyembezi zisemehlweni akhe amancane, futhi wathatha izinduku zakhe ezincane zokuqhugela, futhi wazibamba, futhi wakhipha isiketi sakhe esincane, ongowaseFinland ngempela, wathi, "Kiitos." Lokho kusho ukuthi, "Ngiyabonga."

26 Ngambuka, ngase ngicabanga, "Ukube bengingaba umzenzisi omkhulu kunabo bonke ezweni, uNkulunkulu ubeyophendula ukukholwa kwalowomntwana." Ngaqala ukuphenduka, ngambona ehamba ngaleyonkathi, embonweni,

ehamba esuka kimi, esimweni esejwayelekile. Ngaphenduka, ngathi, "S'thandwa," futhi wayelokhu ethi, "Kiitos," wayengenakuzwa izwi engangilisho. Ngathi, "S'thandwa, uJesu Kristu uyakuphilisa."

Wathi, "Kiitos, kiitos," futhi baqhubeka nokungiphusha.

Ngathi, "Awu, ngolunye usuku uyokuthola."

27 Kamuva, ngaba nomugqa womkhuleko omkhulu kakhulu, uomude, izinduku zokuqhugela nezinto kunqwabelene yonke indawo, iNkosi yembula . . . kubantu futhi ibabizela ngaphandle bedabula ezethamelini, umfowethu wathi, "Sekwanele manje kuwe. Sinakho, shumayele futhi kusasa." Ngakho uza ukuzongithatha, futhi ngathi, "Vele ubize . . . amakhadi ambalwa nje amanye." Futhi lapho ekwenza, olandelayo emsamo kwakuyileyo ntombazanyana. Yayine—yayinezinduku zayo zokuqhugela.

28 Ngathi kuNkk. Isaacson, futhi angahle ukuba uhlezi lapha namuhla, ngathi, "Nkk. Isaacson, vele usho engikushoyo." Ngathi, "S'thandwa, phandle lapho ehholo, uJesu ukuphilisile. Cela abanye babefundisi bakukhumule lezozinsimbi. Buka ukuthi kwenzekani."

29 Futhi ngenkathi beya lapho, bayazikhumula, ngavele ngakhulekela cishe omunye umuntu, futhi nansi iza nemilenze yomibili nje ngokujwayelekile njengoba ibingaba njalo, izandla zayo ziphakamele emoyeni, idumisa uNkulunkulu. Ngokwazi kwami, into encane ihlala eFinland namuhla, ngoba . . .

Abantwana, abantwana bayamangalisa, abanjalo na? Ubulula bokukholwa!

30 Nginamantombazane amabili amancane. Aseyakhula manje, futhi asengamantombazane ami. Ngangivame ukuxoxa indaba encane ngawo, ngesinye isikhathi ngangilindile, unina wayenjalo, ukuba ngibuye ekhaya. Ngangikade ngiphumile ngaya emhlanganweni, namantombazane amancane yayilindile kanye nami, ilindele mina, njalo, futhi ngakho-ke ukozela kuyafika futhi bafikelwa ubuthongo, futhi cishe ngehora lokuqala nqo unina wabalalisa. Futhi indiza yayileyithi. Futhi ngangena, ngangikhathele kakhulu ukuba ngiphumule, njengayizolo ebusuku, angikwazanga ngisho nokulala nhlobo, ngakho ngavele ngasukuma cishe . . . ngacambalala cishe amahora amabili, ngasukuma futhi ngaphumela endlini yokuphumula, ngahlala phansiesihlalweni.

31 Futhi njalo ngenza umfanekiso ngakho. URebekah uyindodakazi yami endala. USharon omncane waya ekhaya uku . . . kanye nonina, niyazi, eminyakeni edlule. Kodwa uRebekah owami omdala, mdala ngeminyaka emine kunoSarah, noSaraj ngaleyonkathi wayecishe abe neminyaka emine . . . o, cishe iminyaka emibili ubudala, ngiqagele, noBecky wayecishe abe neminyaka eyisithupha ubudala. Ngakho uBecky, kimi,

umele ibandla ebelilapha isikhathi eside. Wayenemilenze emide, ezacile, futhi uSarah ungumntwanyana omncanyanyana, onamehlo ansundu, oyisidudla.

32 Futhi ngakho, angazi, ngicabanga ukuthi abantwana benu bafana nabami, ukushiyelana; izingubo ezehlayo. Ngakho uSarah wayegqoke amaphijama kaBecky, futhi ayemakhulu kakhulu kuye. Babenalawo maphijama anezinyawo zikanogwaja, niyazi, ngalezozinsuku. Futhi ngakho, ayemakhulu kakhulu kuSarah.

33 Ngakho ngalokho kusa, emva kokuba sekusile, ngani, into yokuqala niyazi, nge—ngezwa umsindo, omunye waphenduka emuva kwelinye ikamelo, abantwana, noRebekah wavuka, wabona, "Ubabayi kumele abe sekhaya," futhi uphuma embhedeni kakhulu njengoba wayengenza, lokho kwavusa uSarah, uSarah wazama ukumlandela.

34 UBecky wayengamedlula, wayenemilenze emide. Ngakho-ke wagijima futhi wagxuma wagxamalaza emlenzeni wami, wangigaxa ngezingalo zombili entanyeni yami, futhi waqala ukumpongoloza, "Babayi, Babayi." NoSarah omncane, eza nalawo maphijama amade kaBecky afika ezinyaweni, futhi wayekhubeka, futhi wayemfishane kakhulu, wayengakwazi ukumelana noBecky.

35 Ngakho noBecky waphenduka, wabuka uSarah ehla ngehholo, futhi wathi, "Sarah, dadewethu, ngifuna wazi into eyodwa," wathi, "Ngibelapha kuqala, futhi nginaye wonke uBabayi, futhi akukho okwakhe okusalele wena." Uyazi, njengabanye babo bezama ukusitshela, namuhla, bacabanga ukuthi banakho konke, niyazi. Sebebelapha isikhathi eside, baqala eminyakeni engamakhulu amane noma amahlanu edlule, niyazi.

36 NoSarah omncane bandla, udebe lwakhe oluncane lwehlela phansi, awakhe amancane, amehlo ansundu ahlengezela izinyembezi, waqala, waphenduka. Ngabheka ngale kolunye uhlangothi ngenkathi uBecky eqamelise ikhanda lakhe kimi, *kanje*, ngamqhweba *kanjalo* futhi ngakhipha elinye idolo. Nangu eza, wagxumela phezulu ngqo, waye—waye . . . imilenze yakhe yayingafiki kwiphansi, wayengazange abe lapha isikhathi eside kakhulu, niyazi, ngakho yena—yena wayethi ukuyendezela, futhi ngangesaba ukuthi wayezowa, ngakho ngavele ngafinyelela ngase ngibamba izingalo zombili ngazizungeza uSarah, futhi wancikisa ikhanda lakhe elincane kimina, *kanje*.

37 Waphenduka, wangunquzisa lawo amakhulu, amehlo amnyama, wayesebuka phezulu kuRebekah, wayesethi, "Rebekah, dadewethu, kukhona engifuna ukukusho kuwe," wathi, "kungenzeka ukuthi unaye wonke uBabayi, kodwa ngifuna wazi ukuthi uBabayi unami wonke."

38 Ngakho—ngakho ngicabanga ukuthi uma sizikhulula nje, futhi sikhonze iNkosi, singase sithole ukuyendezela kancane, inqobo nje uma Enami wonke, yilokho kuphela engikukhathaleleyo. Uma nje ngingavele ngizinikele ngokuphelele kakhulu ukuthi Abe nami wonke! Ngingahle ngingakwazi konke okungaphakathi nokungaphandle, ukwazi ukuthi kwenziwa kanjani ukulwa kwababili izivumokholo, nokunye nokunye kanjalo, kodwa into eyodwa:

Umfo washo kimi ngesinye isikhathi, ngenza ukuphawula, futhi wathi, indoda ekhaliphile kakhulu, futhi yathi, "Awulazi nje iBhayibheli lakho."

39 Ngathi, "Kodwa ngimazi kahle uMqambi." Ngakho lokho i . . . Ukwazi Yena kungukuPhila. Awucabangi kanjalo na? Yebo, mnumzane. Ngi—ngi . . . Uma ngazi Yena, Uzongembulela iNcwadi yaKhe njengoba nje Efuna ngiYazi.

40 Abazalwane bangitshelile, lapho nje, ukuthi ningithathele umnikelo, ngiyawuthakasela. Eqinisweni, angizelanga lokho, mina . . . kodwa ngiyawuthakasela. Ngihlale ngicela . . . Uma zonke izindleko zenziwe nakho konke, futhi bathatha umnikelo, khona-ke niyazi ukuthi ngenzani ngalokho na? Ngiwuyisa emasimini angaphandle qobo lwami. Futhi ngiyazi ukuthi ninikeza ingxenye yokuphila kwenu, manje kusezandleni zami, ngibophezekile manje, sekusukile ezandleni zenu. Kodwa ngawo wonke amandla ami ngizowusebenzisela uMbuso kaNkulunkulu nokwakhiwa koMbuso.

41 Ngiyakhuleka ukuthi uzobuyela kini ngokuphindwe kayinkulungwane. Nihlezi kulesisakhiwo esishisayo, nixhase umhlangano, ne—nenze konke kahle. Ngiyanibonga. Akukho i . . . lutho engingakwenza ngaphandle kokusho lokhu: "UNkulunkulu anibusise nonke." Ngethemba ukuthi Uyakwenza ngakho konke enikudingayo kuloluhambo, futhi ngineqiniso Uzokwenza.

42 Manje, ngifuna ukunibuza umbuzo nomusa. Ngilungiselela ukuhamba khona manje. Mhlawumbe owami . . . Nginokuthu akube . . . Ngifanele ngiye kuMfowethu Leeming, abaningi benu bayamazi, ezansi eFlorida, lapho neChristian Business Men, imihlangano ethi ayibe mibili, futhi khona-ke ngibheke phesheya kwezilwandle, lapho ongeke wakwazi ukuhlala khona kanje; izinyanga-bathakathi zimi lapho, zikuphonsele inselelo. Konke . . . Wena—wena nje . . . Awukho enkundleni yempi lapha, kodwa ulapho.

43 Futhi lapho yonke into ihamba kanzima ngempela futhi yonke into, ngingancika kubantu bami, abangani, e-Oregon abangikhulekelayo na? Nizokwenza lokho na? Ngikhulekele nje, ngizobe ngencike kini. Ngizonikhulekela njalo.

44 Futhi uma ngingasaphinde nginibone, kuloluhlangothi lomfula, ngizonibona ngakolunye uHlangothi nobufakazi

obufanayo: "UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade." Ngiyakholwa ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu esasindisa esonweni. Wahlupheka ngaphansi kukaPontiyu Pilatu, wabethelwa, wafa, wavuka ngosuku lwesithathu, futhi uyaphila njalo enza izinxuselo phezu kokuvuma kwethu; ngiyakholwa ukuthi Uyaphila.

45 Ngifuna ukuthatha lesisikhathi ukubonga i—indoda, ukapteni, noma ujenene, noma ngabe bekungubani, osivumele ukuba sibe nalesisisakhiwo esihle. Ngiyakuthakasela, ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzokubusisa ngokucebile lokhu kuhlangana, noma ngabe yini, esivumela ukuba sibe nalokhu, sengathi kungebebikho noyedwa wabo olahlekile, sengathi bonke bangabonakala nabangcwele bakaNkulunkulu ngalolosuku, umkhuleko wami oqotho. Ngiyabonga, mnumzane ohloniphekile, futhi ngithemba kuNkulunkulu, ngenhliziyo yami yonke, ukuthi konke kuzokuhambela kahle ohambweni lwempilo.

46 Futhi manje, ngethemba ukubuya ngelinye ilanga. UNkulunkulu ethanda, abafowethu bethanda ukukwenza, ukubuyela emihlanganweni lapha, lapho esingaba nomhlangano oluliwe. Ngingathanda ukuba nesikhathi lapho engingaxoxa khona nabafowethu ongumelusi ekuseni, futhi—futhi ngikhulume ngezinto zeNkosi.

47 Siyabonga kulelinenekazi elikahle, lapha, elidlale i-ogani, nomshayi wopiyano, siyanibonga, bonke abangenisi, yonke into; uNkulunkulu abe nani njalo.

48 Manje, kulentambama sizokhulekela wonke umuntu, futhi angifuni ukunigcina isikhathi eside, nginigcine isikhathi eside ubusuku ngabunye. Ngingathi, "Ngixoleleni," kodwa mfowethu, dadewethu, ngandlela thize, ukugcina uMlayezo usobala nje njengoba bengingakwenza, ngiyazi ukuthi iMbewu itshaliwe; Izothela ngesikhathi saYo sonyaka. Futhi ningikhulekele njengoba ngiqhubeka, futhi ngiyohlala njalo ngikhuleka futhi ngicela uNkulunkulu ukuba anisize.

49 Ngifuna ukufunda ivesi elilodwa kuleli Bhayibheli elidala elibusisiwe, kulentambama, okwendikimba, ngingakhulumi kade, ngoba ngifanele ngikhulekele bonke abagulayo. NiyaMthanda na? Thanini, "Amen." NiyaMkholwa na? Thanini, "Amen." Bangaki abake balizwa iculo elincane elithi *Amen* na? O, impela. Kuhle lokho. Lokho kuhle. Ngiyakuthanda lokho, *Amen*, uMfowethu Zepp ulicula kahle kakhulu.

50 Ngifuna ukufunda kuJohane oNgcwele isahluko se 14 nevesi le 8 lodwa.

> *UFiliphu wathi kuye, Nkosi, sikhombise uYihlo, kuzosanela.*

Mhlawumbe ngizofunda ivesi elilandelayo:

> *UJesu* wathi *kuye, Isikhathi esingaka nginani, nokho*. . . awungazi*, Filiphu na? ongibonile mina ubonile uBaba; futhi usho kanjani* . . ., *Sikhombise uYihlo na?*

51 Ngingathanda ukuthatha lendikimba: *Sikhombise UYihlo Kuzosanela*. Ngamanye amazwi, kusho "kuyanelisa." "Uma Uzongikhombisa uYihlo, kuzosanelisa."

52 Manje, lokho kube ukukhala kwenhliziyo yomuntu kuyo yonke iminyaka, kungukubona uNkulunkulu. UJobe wasendulo wakhala, "Ukube mina kuphela . . . " ekuhluphekeni kwakhe, "Ukube kuphela bengazi lapho Ayehlala khona! Uma bengingahamba ngingqongqoze emnyango waKhe futhi ngikhulume naYe!" Wonke umuntu ubefuna ukwazi uNkulunkulu nokubona uNkulunkulu. UJobe wayefuna ukuMbona. UMose wayefuna ukwazi ukuthi ubani Owayesesihlahleni esivuthayo, un- . . . khona-ke wathi, "Ngikhombise inkazimulo yaKho." Wayefuna ukubona ukubonakaliswa okuthile ukwazi ukuthi kwakunguNkulunkulu. Futhi sonke siyakwenza lokho, sonke silangazelela ukubona into ethize engokoqobo, enye . . . okuthile okufakazela ukuthi uNkulunkulu unjalo.

53 Futhi kuyindlela yami yokuzithoba yokucabanga ukuthi kuyamthokozisa uBaba ukuZikhomba, ukuZibonakalisa; Uyabathanda abantwana baKhe. Ngithanda kanjani ukutshela abantwana bami okuthile futhi ngenze isidingakalo, bese kuthi-ke ngibone labobantwana bephila kahle kuze kufike kulokho, futhi ngingabakhombisa okuthize okuhle.

54 Ngimtshela kanjani umfana wami omncane, uJoseph, "Uma nje uzoba umfana omuhle manje, futhi—futhi unake uMama, uyazi, ngoMgqibelo lapho sengibuya, ngizokuthatha siyodoba."

Futhi ukubona lowomfanyana, unina uthi, "Ubelalela nje, Bill, ngakho konke kuleliviki."

55 Ngijabula kanjani ukuyokhombisa lowo mfanyana, ngimthathe siyodoba, ngiyathanda ukumkhombisa ukuthi ngifuna ukuba nomusa kuye, ngoba uyingxenye yami. Ngifuna—ngimfuna abe njengoba ngifuna abenjalo, umKristu. Futhi ngiyathanda ukubonakalisa lokho engifuna abe yikho, ngami uqobo.

56 Futhi uNkulunkulu ufuna ukuzibonakalisa Yena uqobo kubantwana baKhe, kodwa ucela isidingakalo esisodwa yilokho kuphela: "Uma uzokholwa." Yilokho kuphela Akucelayo, unikeza iZwi laKhe futhi akubuze ukuthi uzoLikholwa yini.

57 Manje, ngizokhuluma . . . Manje nokho, bekungamangalisi, lapha, ukuthi uFiliphu, leloqhawe elikhulu elalibone leyo misebenzi emikhulu yamandla kaKristu, wahamba wathola uNatanayeli futhi wamehlisela lapho, endaweni, futhi wabona

ukubonakaliswa kobufakazi bomBhalo ukuthi WayenguMesiya, wayesethi-ke, "Manje, Sikhombise uYihlo kuzonelisa"?

58 Manje, niliqaphelile yini i—ivesi elilandelayo, ivesi le 9 na? Wathi, "Sengibe nani isikhathi eside kangaka, Filiphu, futhi awuNgazi na?" Ngicabanga ukuthi lokho bekuzoba okwethu kanjani, kulentambama, ukuthi uNkulunkulu ngomusa waKhe uzibonakalise Yena uqobo izikhathi eziningi kakhulu, futhi nokho asikuboni.

59 Manje, ngizokhuluma ngokuthi "Izindlela Ezine Zokubona uNkulunkulu." Manje, abantu abaningi bazama ukuMbeka kude njengendaba yomlando, kodwa ake sibheke kuNkulunkulu ngezindlela ezine. Futhi ngicabanga ukuthi uma uNkulunkulu engaboniswa ngokuqinisekile, ngaphandle kwesithunzi esisodwa sokungabaza, ukuthi uNkulunkulu, ngezindlela ezine ezehlukene, umi khona lapha, kulentambama, lokho bekufanele kukholise, bekungafanele na? "Izindlela Ezine Zokubona uNkulunkulu." Ngizokhuluma ngokuthi "UNkulunkulu Emhlabeni waKhe nezulu," "UNkulunkulu EZwini laKhe," "UNkulunkulu ENdodaneni yaKhe," no "Nkulunkulu Ebantwini baKhe." Futhi manje, ngingathatha idazini ngaphezulu, kodwa lezozinto ezine engifuna ukuphumula phezu kwazo, imizuzu engamashumi amathathu elandelayo, uNkulunkulu ethanda.

60 Asithathe kuqala manje, "UNkulunkulu Emhlabeni waKhe nezulu." Ubani owadala umhlaba nezulu na? Sitshelwa ukuthi umi emkhathini. Ungaphenduka kanjani ngokuphelele kangaka, uphelele kakhulu kunanoma yiliphi ithuluzi?

61 Ngifake iwashi lamadola angamakhulu amathathu engalinikwa uDkt. Guggenbuhl eSwitzerland. Unginika lona ngoba line-alamu, ukwenzela izingxoxiswano nokunye nokunye. Futhi yi-Vulcain Cricket, elinye elihle kunawo onke ama-Swiss alenzayo, kodwa nokho, lizolahla isikhathi, lithole isikhathi, aliphelele. Noma yini eyenziwa umuntu ayiphelele, kodwa konke lokho uNkulunkulu akwenzayo kuphelele. Niyabo?

62 Qaphelani, Angalenza kanjani lelozwe liphenduke nje, ilanga lihlale liqinisile, lizuza okuningi kakhulu, unyaka nonyaka, usuku nosuku, lizungeza inkabazwe, lizungeza, umkhondo wokuhamba kwezinkayezi walo, nakho konke, nokwenza lezozinkanyezi nezinto, baze bakwazi ukubikezela ukusitheka kwenyanga iminyaka engamashumi amabili ukuya emzuzwini. Kuphelele kakhulu!

63 Futhi yini ewubambile phezulu na? Yikuphi okuyiphezulu nephansi na? Sazi kanjani na? AbaseSouth Pole, kithina, babuka nga*leyo*ndlela, bethi kuphezulu; futhi thina esiseNorth Pole sibuka nga*le*ndlela, futhi lokho kusezansi eSouth Pole. Yikuphi okuyikho na?

64 Untanta ngokuphelele kanjani! Shwila noma yini emoyeni futhi ubone ukuthi izoma yini lapho ukuzungeza okubili ngaphandle kokusuka emkhondweni wokuhamba wezinkanyezi. Kodwa uNkulunkulu, ngokuphelele, uphethe wonke umhlaba nezulu ekulawuleni kwaKhe. Siyakukholwa lokho, ukuthi uNkulunkulu uyakwenza lokho. Awekho amanye amandla, akukho okunye obekungakwenza ngaphandle kukaNkulunkulu, uNkulunkulu yedwa.

65 Futhi senake naphumela lapha olwandle, nibukele lololwandle olukhulu oluthukuthele, lawomagagasi amakhulu amhlophe ejikijelekaa phakathi lapho, ethukuthele na? Niyazi, cishe impela izingxenye ezine kwezinhlanu zomhlaba zimbozwe ngamanzi, futhi ngesinye isikhathi amboza umhlaba wonke. Lungathanda kanjani ukudlula lapho uma lungakwenza, kodwa niyaqaphela, luzofika *kude kangako*. Ngani? UNkulunkulu unomqaphi olubhekile, leyo yinyanga.

66 Inyanga iyalawula, uNkulunkulu wayibeka lapho ukuze ilawule ulwandle. Uma leyonyanga ingake ike ihambe ama-intshi ambalwa iphume emkhondweni wayo wezinkanyezi, umhlaba wonke ubuyombozwa ngamanzi, ngomzuzwana nje. Bhekani lapho ephendula ikhanda lakhe ukuze abone ukuthi luyini olunye uhlangothi lomhlaba, kusihlwa lapho, noma, ekuseni, nokunye nokunye, ukuthi igagasi liphuma kanjani, futhi nanti lingena ngokucasuka futhi, kodwa umqaphi lapho uthi, "*Leyo* yimingcele yakho; hlala khona *lapho*." Futhi nokho kukhona amanzi enele phandle lapho, nokugobile komhlaba, ukugeza yonke into nxazonke; kodwa uNkulunkulu unokulawula. Amen. O, "UMkhulu kangakanani, uMkhulu kangakanani!" Ukuthi Ukwenza kanjani, kanjani Yena... Kungaphezu kwamandla ethu. Singawachitha kanjani amahora kulokho!

67 Asehlele phansi kwenye into. Asibuke izimbali, ukuthi ziphila kanjani, zife, zivuke futhi. Ukuthi ubungabuthatha kanjani utshani bakho ngesikhathi sasebusika, futhi uthele ikhekheba likakhonkolo phezu kwabo. Buphi utshani obuningi ngehlobo elizayo na? Khona ngqo emaphethelweni ohambo. Kungani kunjalo na? Yilokho kuphila e...ubufihle ngaphansi kwalowokhonkolo. Kodwa lapho lowomlawuli wempilo yezitshalo, ilanga, s-u-n, liqala ukukhanya, angeke ukufihle lokho kuphila. Buzophuma ngqo, futhi buluke indlela yabo yokuphuma, futhi buphakamisele ikhanda lalo phezulu, enkazimulweni kaNkulunkulu. Lokho kunjalo na?

68 Awukwazi ukufihla ukuphila. Akunandaba... Ungazingcwaba wena uqobo olwandle, ubunga...noma ngabe ukuphi, uzophendula noma kanjani, lapho i S-o-n ifika, iNdodana kaNkulunkulu, konke ukuPhila okuPhakade kuzovuka kanye naYo, ngoba InokuPhila okuPhakade, futhi iKunika labo Ebathandayo.

69 Futhi manje, qaphelani ukuthi uNkulunkulu uhlala kanjani embalini, ukuthi Uhlala kanjani emaqabungeni esihlahleni, ukuthi azowohloka kanjani, ashone phansi, amanzi esihlahla azokwenza, angene ezimpandeni, uBuhlakani obuthile buyakulawula, ashone phansi empandeni ukuyocasha ebusika, abuye futhi entwasahlobo, sithele isithelo, kanjalonjalo. Sikwenza kanjani na? Kungaphezu kokwazi kwami. Ini. . . Kufanele kube noBuhlakani, ndawondawo, obusilawulayo; asikwazi ukuzenzela.

70 Akukho okungasho lokho kulesosihlahla samapentshisi, phandle *lapho*, noma, lesosihlahla samapheya, "Kuthi, sekuza isikhathi sasebusika," cishe maphakathi no-Agasti, "nonke nina maqabunga, sukani lapho masinya impela. Kuphila, gxumela phansi ezimpandeni futhi ucashe, uma ungakwenzi, uzokufa." Asikwazi ukuzenzela. nguBuhlakani obuthile obusilawulayo, uBuhlakani obuphakeme kunabo bonke obukhona, uNkulunkulu.

71 Awu, uma uNkulunkulu engatshela iqabunga, ukuphila kwaleloqabunga ukuba kulishiye futhi lehlele phansi lapho futhi lihlale, noma ukuphila ukuba kuphume engxenyeni engenhla yesihlahla futhi kungene ezimpandeni, Angakwazi yini ukwambula izimfihlo zezinhliziyo zabantu ezincekwini zaKhe na? ukuhlakanipha kukaNkulunkulu? Ngani, yonke into yenziwe ngobuhlakani, uNkulunkulu unguBuhlakani obedlulele.

Buka amadada, i—izilwane, ukuthi zonke zilawulwa kanjani nguNkulunkulu.

72 Maduzane nje, indodana yami nami sasiseBombay emhlanganweni. Lapho sifika lapho, ngangifunda iphephandaba, yizwe elinezilimi ezimbili, ngakho lalinalo ngesiNgisi, futhi lathi, "Ngicabanga ukuthi ukuzamazama komhlaba sekuphelile."

73 Ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kwalokho. . .Niyazi, iNdiya ayifani nezwe lethu. Sinothango olulukiwe kahle, bacosha amatshe futhi benze uthango lwabo, futhi bakha imibhoshongo yabo nokunye nokunye. Kushisa kakhulu, eduze ne—nezindawo lapho, niyazi, nenkabazwe. Ngakho i—izimvu nezinkomo, ntambama, zifike zime zizungeze lezizindonga, futhi zingene e—emthunzini, nezinyoni ezincane zakha izidleke zazo ezindongeni.

74 Futhi ngolunye usuku kwenzeka okuthile, zonke izinyoni ezincane zasuka, akekho owayazi ukuthi kungani, zasuka kulezozindonga, zaphuma, babengazi ukuthi ziye kuphi, zahlala ezihlahleni ndawondawo. Zazingeke zibuyele esidlekeni sazo, nezinkomo azizange zingene.

75 Wonke umuntu wathi, "Kwenzenjani na?" Lezozinkomo, lezozimvu, zimi phandle lapho, zincikene kulelolanga elishisayo,

phandle le phakathi nensimu, zazingeke zingene; bazibuza ukuthi kungani.

76 Futhi ngosuku olulandelayo, kwenza into efanayo, futhi ngosuku lwesithathu zenza into efanayo. Khona-ke ukuzamazama komhlaba kwazamazamisa indawo yaba izicucu, izindonga zawa. Izinkomo nezimvu kwakumi ngaphansi lapho, zaziyokufa, izinyoni ezincane zaziyochotshozwa. Ngakusasa akwenzekanga lutho, kwase kuthi-ke ngosuku lwesihlanu, khona-ke izinyoni ezincane nezinto ziqala ukubuya futhi; ukuzamazama komhlaba kwase kuphelile.

77 Aniboni, nguNkulunkulu ofanayo owayengaziholela emkhunjini, ngezinsuku zikaNowa, nguNkulunkulu ofanayo Ongazisusa engozini. Awu, uma uNkulunkulu, ngokuzibonela kwemvelo Unikeza inyoni ukwazi ukubalekela izindonga eziwayo, besifanele kangakanani ukubalekela lezi ezinkulu, izidonga eziphakeme zobusonto, eziboshelwe ukubhidlizwa, ngokuphefumulelwa nguMoya oNgcwele! Suka, uye kuNkulunkulu ngokushesha. Ungafaki igama lakho encwadini, zalwa ngokusha, ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

UNkulunkulu emvelweni. UNkulunkulu unika leyonyoni encane imvelo; iyakholelwa kuyo, i—iyayethemba.

78 Lapha, esikhathini esingeside esedlule, ngangisenhla eCanada, futhi kwakukhona lawomadada phezulu lapho, phezulu lapho echibini, nokuthi kanjani wona, ezulazula echibini. Azoba lapho manje. Cishe, iNkosi ithanda, cishe kwenye inyanga ngithatha uhambo lokuyozingela lapho. Lokho okuncane. . . Amadada aphuma eningizimu, ezansi le eLouisiana, e-Alabama, eTexas, emasimini erayisi, futhi andiza yonke indlela ayongena eCanada, futhi anamachwane awo amancane phezulu lapho kulawomaxhaphozi, ubhuku, noma—noma amachibi amakhulu.

79 Manje, nanti iqhude elincane, lazalelwa khona lapho kulelochibi, lazalwa ngaleyontwasahlobo, alikaze lisuke kulesosiziba, yilokho kuphela elikwaziyo, lazalelwa khona lapho. Kodwa ngobunye ubusuku kuzofika i—igagasi elincane elimhlophe linqamula intaba phezulu lapho, kuzoba iqhwa elishaya leyontaba, lowomoya obandayo uyoshwibekela phansi esigodini.

80 Leloqhude ledada elincane lizophuma lapho ngqo phakathi kwalesosiziba, liphakamisele lelokhala elincane emoyeni, bese likhala kane noma kahlanu, futhi lonke idada elisesizibeni liyoza kulo ngqo. Ngani na? Liyophakama lisuke kulesosiziba futhi lihambe, ngaphandle kwenkombandlela nanoma yini enye, liqonde ngqo eTexas njengoba lingahamba, emasimini erayisi. Uma lihlala isikhathi eside, lizoba yiqhwa, azokufa.

81 Alikaze lisuke lapho. Lazi kanjani lapho okumele liye khona na? Lethembele ekuziboneleni kwemvelo elikunikwe

nguNkulunkulu. Futhi uma idada linomuzwa ngokwanele ukuba libalekele ingozi nokubanda, lifanele kangakanani iBandla, ngamandla kaMoya oNgcwele nokuvuka kukaKristu, ukubalekela isivumokholo esifayo! Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ukuzibonela kwemvelo.

Ngesinye isikhathi ngangilima, ubaba nami, amahhashi ayelokhu ethimula, futhi ngathi, "Baba, yini indaba na? Ingabe kukhona inkentshane emuva laphaya?"

Wathi, "Qhabo, ndodana, kuza isiphepho."

Ngathi, "Isiphepho?" Ngangingumlimi omdala ogibelayo, abaningi benu bayazi ukuthi bayini, wathi, "Isiphepho?" Ngathi, "Kungekho-fu ndawo na?"

82 Wathi . . . Wama, angisoze ngamkhohlwa umfo omdala, wakhipha iduku lakhe elibomvu, wasula umjuluko ebunzini, wathi, "Billy, unokuningi okufanele ukufunde, Ndodana." Wathi, "Uyabona, uMninimandla onke unikeza lelohhashi ukuzibonela kwemvelo ukuze likwazi ukuya endaweni ephephile." Wathi, "Kukhona isiphepho esizayo, ndawondawo, futhi angahogela lesosiphepho."

83 Ngacabanga, "Babayi, ngi . . ." Ngathi, "Kulungile." Futhi angibange ngisalima eminye imizuliswano emibili saze asabe sisakwazi neze ukukhipha a—amahhashi ngokushesha ngokwanele, umbani, ukuduma, nakho konke, futhi sasilapha isiphepho. Asibamba ngaphambi kokuba sifike lapho.

84 Futhi uma uNkulunkulu enganikeza ihhashi (Ukhuluma ngomuzwa wehhashi!), enganikeza ihhashi ukuzibonela kwemvelo nobuhlakani obanele bokwazi ukuthi lingazivikela kanjani engozini, besifanele kakhulu kangakanani thina, ngokuphefumulelwa kukaMoya oNgcwele, ukubalekela okuphepheni lapho sibona isikhathi esinjengalesi sifika! Yebo. "Sikhombise uYihlo, kuzosanelisa." O, he, bengingahlala kanjani kulokho!

85 Uthatha ingulube yensikazi endala, futhi inamakhoba ayo ngasenyakatho kwegquma, futhi ufunda umhlaziyi, ehe, umhlaziyi wezindaba, emsakazweni noma ephepheni, uthi, "Kusasa kuzoba usuku olukahle, oluhle," leyongulube endala yensikazi ithatha lawomakhoba iwasusa kuloluya hlangothi olusenyakatho yegquma, izungeze ohlangothini oluseningizimu yegquma, uyabukela, yazi okuningi ngakho kunawo wonke amaphephandaba nezihlaziyo emhlabeni, uyakubuka kuphenduka kubande.

86 Uyabuka lapho uyozingela onogwaja, futhi ubabone bebuyela emuva le ngaphansi kwesixhobo sehlashana, nezinto ezinjalo, futhi bathole indawo yokucasha, futhi behleli emuva emigodini, futhi umhlaziyi uthi, "Kuzoba yisimo sezulu esikahle," ungakukholwa lokho. Lowo nogwaja wazi okuningi ngakho kunabobonke labobafo

behlanganisiwe. Wethemba ukuzibonela kwemvelo okunikwe nguNkulunkulu, nguNkulunkulu elungiselela indalo yaKhe indlela. Futhi iphakeme kangakanani indalo yomuntu kunendalo yesilwane! Mkhulu kangakanani uMoya oNgcwele eBandleni, kunokuzibonela kwemvelo obekuyoba yikho edadeni, noma ehhashini, kumbe noma yini! Ngingathatha amahora amabili kukho.

87 Enye into futhi engingathanda ukuyishaya. Yilapho engathola khona uNkulunkulu okokuqala, lelo kwakuyiBhayibheli lami lokuqala, ukubona ukuthi kwakufanele kube khona Into ethize eyenza lezizinto. UNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu. Ngikuthanda kanjani ukushona kwelanga, ngime futhi ngibuke ilanga lishona futhi ngikhale, ngilibuke liphuma, futhi ngikhale; ngiyalithanda.

88 Ngenze ukuphawula, izolo ebusuku, ngokuba ngumzingeli. Ngiyathanda ukuzingela, ngazingela kusukela ngisengumfanyana. Ngizingele umhlaba wonke: e-Afrika, eNdiya, nakuyo yonke indawo. Abaningi benu bayamazi uBud Branham eRainy Pass Lodge e-Anchorage, e-Alaska, izindiza eziyishumi nesithupha zindiza zingena, umzala wami lowo. Uvela ohlangeni lwabazingeli futhi siyakuthanda, kungaphakathi kithi; siyathanda ukuzingela.

89 Futhi ngangivamise ukwenyukela eColorado, lapho ngelusa khona izinkomo phezulu lapho, isikhathi eside, epulazini elikhulu. Futhi lapho, ngiqoqa lezo zinkomo ngizingenisa futhi ngizikhipha, uMnu. Jeverez. . . Angahle ukuthi uhlezi khona lapha kulentambama, uhlala khona ngalapha e-Idaho manje.

90 Futhi ngakho yena nami sasivame ukwenyukela lapho ndawonye futhi sizingele, sizingele izinyamazane ama-elki; ngiyathanda ukuzizingela. Sasicishe sibe namashumi ayisishiyagalombili emhlambini emuva lapho, sasivele sithathe nje oku. . . eyodwa ngonyaka, ngalokho esikudingayo, futhi umhlambi wakha omkhulu. Ngakho ngakho-ke, uMnu. Jeverez, indoda yasemahlathini ngempela, wayazi ukuthi kuzingelwa kanjani, wayekwazi konke ukungena nokuphuma.

91 Ngangisiza ngokupha izinkomo usawoti, futhi ngiziqhubele lapho, futhi ngiziqoqe, nokunye nokunye. Ngangazi lonke igumbi emuva eContinental Divide, ukuza lapho uwela khona iBerthoud Pass, wehle, bese uwela iRabbit Ear Pass. IContinental Divide iza kokubonaka ngasikhathi sinye, iTroublesome River idlisa phansi *ngapha*, futhi iHereford Association iklabisa *kulesi* sigodi, futhi kukhona izimpambuko zasempumalanga nasentshonalanga.

92 Sizokhuphukela empambukweni yasempumalanga, sibophe amahhashi ethu, futhi sehlukane, futhi size sithi ngqu ezansi empambukweni yasentshonalanga, amamayela namamayela

namamayela ukuqhela, mhlawumbe singabonani izinsuku ezimbalwa, sizingela.

93 Ngomunye unyaka ngangiphezulu lapho ngizingela. Ngangikhuphukela phezulu, phezulu nje ngangokuba ngangakhwela, ngahlala lapho kusihlwa, lapho ilanga selishona. Futhi, o, he, ukhuluma ngoNkulunkulu! Ngangiphezulu lapho ngolunye usuku, kwakomile, inyamazane i-elki yayingakehli nokho, kungekho iqhwa elanele nezinto zokuzehlisa. Ziyizilwane zasendle, zihlala phezulu, ngoba azifuni ukwehlela phansi ngasempucukweni. Kuthatha iqhwa nezinto ukuzehlisela phansi ngesinye isikhathi.

94 Khona-ke lapho . . . Ngangiphezulu lapho ngihambahamba, ngibuka, ngase ngibopha ihhashi lami phansi le ngalokho kusa, ngenyuka ngathi ngqu endaweni ephakeme kakhulu entabeni lapho izihlahla zimila khona, ngenza isiyingi esikhulu, ngehlela ezansi kulokho esikubiza ngokuthi iLost Canyon, futhi ngehla ngaleyondlela. Ayikho imfundamakhwela engena lapho, ngani, kukude kakhulu kuyo.

95 Ngakho emuva le phakathi lapho, ngangihamba, futhi ngangiphethe isibhamu sami esikhulu, futhi ngangihamba ngapho, futhi kwakhuphuka i—isiphepho. Uyazi ukuthi kuphakeme kanjani ezintabeni, kuzoba nesiphepho, bese kuba yiqhwa, bese kuncibilika, futhi umoya uzovunguza, nelanga lizokhanya. Zonke izinhlobo zesimo sezulu ngo-Okthoba phezulu lapho, siyaguquka ngaso sonke isikhathi. Ngakho lalingenalo iqhwa elanele ukuzehlisela ezansi, ngakho ngangiseduze nendawo ephakeme kakhulu entabeni lapho izihlahla zimila khona.

96 Futhi ngangena ezihlahleni ezaziwiswe umoya, lapho isiphepho sasisonte imithi yokwenza amapulangwqe futhi waziphephula ndawonye. Futhi ngangikhuphuka ngalokhu, futhi nakho kufika esikhulu, isiphepho esinamandla, lina, ngase ngibuyela emva kwesihlahla, futhi ngama *kanje*, emva kwesihlahla, saze saphela isiphepho. Futhi ngangimi lapho, ngacishe ngalala. Imimoya ivunguza nezinto futhi wawumuzwa uNkulunkulu ekhuluma ngokubhonga kwalawomashoba. Ngacabanga, "O Nkulunkulu, Umkhulu kangaka!" Futhi ngemva kokuba isiphepho sesiphelile, ngama lapho kancanyana, ngathi ukuba *yisithutha*, ngacishe ngawa kabili noma kathathu, ngaba manzi kancane.

97 Ngakho ngi . . . Kube yigalelo elinzima kabi futhi ngaphuma ngemuva, ngacabanga, "Udumo kuNkulunkulu. Kumangalisa kanjani ukuba phezulu lapha, ukuba wedwa noNkulunkulu, izinsuku ezimbili manje ngangingazange ngibone muntu lapha." Ngakho . . . Ikhulu . . . Ukude ngamamayela angamashumi amane nokho emzileni wesitimela. Ukude le nezimoto, awukho uphethiloli, usikilidi, konke ukunuka kuqhubeka kwalokho

okubizwa ngempucuzeko. Ngacabanga, "Kuyamangalisa ukuma lapha."

98 Ngabuka ilanga lishona, ngapha, e-Oregon, ngapheya kwaleyondlela, futhi lapho elaKhe elikhulukazi, iso elihle lihlezi lapho, futhi ngacabanga, "Kulungile. Iso laKhe likumzwilili, futhi ngiyazi Yena ungibhekile." Ungambona uNkulunkulu noma kuphi, uma nje uzoqalaza, Yena ukuzungezile, yonke indawo; Usezimbalini, imvelo, yonke indawo. NgiMbonile lapho.

99 Khona-ke kwenzeka ngabuka, futhi ngezwa inkentshane elidala limpongoloza phezulu egqumeni lapho, umata walo waliphendula ezansi ekugcineni. Manje, ukhuluma ngokujulile kubizana nokujulile, uzwa lokho kuklabalasa kwenkentshane noma impisi yogodo, lokho nje kwavele kokhela umphefumulo wami ngamalangabi. Ngiyayizwa laphaya, impongoloza, yayilahlekelwe umata wayo, futhi yamphendula, phansi le ekugcineni.

Futhi ngacabanga, "O Nkulunkulu, nginoMata nami; ngizobiza futhi Uzongiphendula ngelinye ilanga." Ngama lapho ngacabanga, "Nkulunkulu, nango Wena."

100 Ngezwa icilongo lapha, umhlambi wezinyamazane ama-elki engangizama ukuzithola. Iduna elikhulu elidala lakhipha leyompempe ende, icilongo, kanjalo. Ini . . . Isiphepho sasehlukanise izinyamazane ama-elki enhla phezulu, futhi lalilahlekelwe umhlambi walo, futhi laliwubiza. Ngacabanga, "O Nkulunkulu, Uhlala phezulu lapha, kunjalo, nangu Wena." *Nakho* la Ayekhona esemhlanjini wezinyamazane ama-elki, *nakho* la Ayekhona ekubizeni kwempisi.

101 Khona-ke kwenzeka ngabuka, futhi lapho ilanga liphuma khona, futhi izihlahla ezingawohloki zazineqhwa, lowomoya obandayo, kwakukhona uthingo lwenkosazana ngaphesheya komgede, ngathi, "Nango Yena othingweni lwenkosazana. Amen. NaNgo lapho. Naso isivumelwano, Akasophinde asibhubhise ngamanzi, Wakwethembisa."

102 Futhi uthingo lwenkosazana liyi, iSambulo 1, lapho phezu kweNdodana kaNkulunkulu, naphezu kweBandla, izinti zezibani eziyisikhombisa zegolide, kwakunguthingo lwenkosazana. "Wayefanele abukeke njengetshe lejaspi nesardiyu. OwokuQala nowokuGcina. Owayekhona, okhona nozayo." O he, he, he! Nomaphi lapho ubuka khona, ungabona uNkulunkulu uma nje uzovula amehlo akho. Uqalaze, Ukuyo yonke indawo.

103 Ngangimi lapho, futhi khona manjalo ingwejeje endadlana yeshoba . . . Bangaki kini bantu base-Oregon abaziyo ukuthi ziyini na? Iyiphoyisa lejazi eliluhlaza lasehlathini, kodwa wonke umsindo futhi akukho ngwejeje. Yagxumela lapho futhi

yahamba, "Tshweke, tshweke, tshweke, tshweke. Tshweke, tshweke, tshweke, tshweke."

104 Futhi ngacabanga, "Yini inkinga ngawe, mfo omncane na? Angeke ngikulimaze." Ngakho ngakho-ke uthingo lwenkosazana ngalubheka futhi, ngathi, "Udumo kuNkulunkulu," futhi ngazungeza ngazungeza isihlahla ngahamba ngamandla engangingahamba ngawo, ngimemeza, futhi yavele yangibuka, futhi nje "Tshweke, tshweke, tshweke."

105 Ngacabanga. "Ngabe ngikujabulise ngokweqile na? Ngikhonza uMdali wakho. Awukuthandi lokho na? Ake ngikukhombise ukuthi kwenziwa kanjani futhi," futhi ngazungeza isihlahla ngaphinde ngahamba. Uma... Babecabange ukuthi babenomuntu phandle lapho owayephuma esikhungweni sezinhlanya, ngiqagele, ukuba umuntu waye... Ngangingenandaba, ngangikhonza uNkulunkulu. NgaMbona, ngaMuzwa yonke indawo. UngaMbona uma nje uzoqalaza, Ungokoqobo.

106 Futhi ngangizungeza futhi ngizungeza kanzima lesosihlahla njengoba ngangingahamba, futhi ngidumisa uNkulunkulu, futhi ngiphonsa phezulu izandla zami, futhi ngimpongoloza, "Haleluya!" ngigxobagxoba umhlabathi ngizungeza futhi ngizungeza isihlahla ngaphinde ngahamba, njengomuntu ohlanyayo, kodwa ngangine...ngidedela inqwaba yesitimu, nganginesikhathi esimnandi.

107 Ngacabanga, "'O, kumnandi ukuba lapha, Asakhe amadokodo amathathu.' Asihlale nje phezulu lapha, indawo emangalisayo ukuba seBukhoneni bukaNkulunkulu, emhlabeni waKhe nezulu." Mbuke emhlabeni waKhe nezulu, ukushona kwelanga kwaKhe, uthingo lwenkosazana lwaKhe, ukubiza kwenyamazane i-elki, lapha, yonke indawo, kunoNkulunkulu.

108 Futhi ngacabanga, "Wena mdlwembe omncane, ungiphazamiseleni ekukhonzeni uNkulunkulu wami na?" Ngiyayibona ihlezi kulesisiphunzi, lapho...indawo lapho isihlahla sasiphephuke khona, ithi, "Tshweke, tshweke, tshweke," umsila omncane ukhwaxele ngaphansi kwayo kanjalo, "Tshweke, tshweke, tshweke, tshweke."

109 Ngacabanga, "Yini inkinga ngawe na? U—ucabanga ukuthi ngiziphatha ngokuhlekisayo na?" Kodwa yona, ngiyiqaphele, yayiqethula ikhanda layo elincane phansi, amehlo ayo esaba, ebheke phansi kulelohlashana.

110 Yayingampongozeleli mina nhlobo, umoya wawuphephule ukhozi phansi phakathi lapho, olulodwa...izinkozi ezinsundu ezindala ezinkulu eColorado. Futhi waye...Lolokhozi lwalungayicosha niyazi, ngakho ya—yayesaba lolokhozi, yayinga...yayinganginakile, kodwa yayesaba lolokhozi.

111 Lolokhozi olukhulu lwagxuma lapho, futhi ngacabanga, "He! Manje, ngiyaKubona laphaya, Nkulunkulu, ngiyaKubona,

ngiyaKuzwa ezansi lapho ekuzweni ukubiza, ngiKubona kuyo yonke indawo, ngiKubona esibhakabhakeni, ngiKubona othingweni lwenkosazana, ngiKubona yonke indawo. Kodwa manje, angazi noma Ubungaba kulolokhozi na?" Ukuphazamiseleni ukukhonza kwami na?

112 Futhi ngalubuka lolokhozi isikhashanyana. ngacabanga . . . Manje, ngibone amehlo alo amakhulu, ampunga engibuka, futhi lubuka ngaleya kuleyongwejeje endadlana yesihlahla seshoba, bese-ke lungibuka. Futhi ngalwazisa ngoba lwalunesibindi, lwalungesabi. Ngiyalizonda igwala. Ngiyamzonda umuntu othile uku . . . hhayi ukuzonda umuntu, kodwa isimo sokuziphatha ukuthi bangama ebandleni futhi bamemeze njengabo bonke futhi baphumele ngaphandle futhi lapho kufika elamanqamu ngempela, unamahloni okusho ukuthi uyiPentecostal, unamahloni ukuvuma ukuthi uphulukiswe ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu.

113 O! UNkulunkulu angeke asebenzise into enjalo, Ufuna amasosha, Ufuna umuntu othile, ongasho njengoPawulu, "Ngendlela ethiwa ukweduka, yileyondlela engikhonza ngayo uNkulunkulu wawobaba bethu." Ufuna amasosha, umgogodla, hhayi ithambo lesifuba enkukhwini; Ufuna umuntu onesibindi ngokwanele nomoya owenele ukuthi asukume.

114 Ngathi, "Yebo, ngibona uNkulunkulu kulolokhozi, alwesabi, alunavalo nakancane." Ngacabanga, "Ngizobona nje ukuthi wesaba kangakanani." Ngathi, "Awusho, mfo, uyazi ukuthi ngingakudubula na?" Lapho iphimbo lami lizwakala kakhulu, lwangibukisisa lwakweqa lawomehlo amakhulu.

115 Ngiqala ukulubona luzwa lezozimpaphe, niyazi, ngezalo . . . lizelula, ngacabanga, "Nakho-ke. Nakho-ke. UNkulunkulu ulunike amaphiko amabili ukuze lubalekele inkathazo, lubalekele ingozi, futhi lwethemba lawo maphiko, ukuphunyuka kwalo olukunikwe nguNkulunkulu." Luyawezwa lawo maphiko ukuthi onke ayehamba ngokohlelo. Kulungile.

116 Omunye wathi kimi ngesinye isikhathi, "Mfowethu Branham, awesabi ukuthi uzokwenza iphutha phezulu lapho na? Awesabi ukuthi kukhona okuzokwenzeka phezulu lapho na?" O, qhabo, inqobo nje uma yonke into isahamba ngohlelo, niyabo, kulungile. Ungakhathazeki, nguYe Onikeza isithembiso.

117 Lolukhozi oludala, luvula amaphiko alo, liwaxova phansi naphezulu *kanjalo*, ngacabanga, "O, ya, nakho-ke." Ngase ngifinyelela ukuba ngibambe isibhamu sami, lwagxuma, futhi lwangibuka *kanjalo*, futhi lwahlalisia iso lalo kimi ngqo. Manje, luyazi, ngamandla alo, ukuthi lungathatha lawomaphiko lungene kuleyomithi yokwenza amapulangwe ngaphambi kokuba ngithole lokho kulibona. Lwalukwazi lokho, futhi lalikwethemba, ngakho lwalungesabi.

118 Kungani kufanele sesabe na? Kungakhathaleki ukuthi kwenzekani. UNkulunkulu usipha uMoya oNgcwele, "Bheka, Nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe." Sesabani na? UNkulunkulu wakubiza ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wafaka igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu. IWundlu lahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, igama lakho lafakwa eNcwadini ngaphambi kokusekelwa kwezwe, iBhayibheli lasho njalo.

119 IBhayibheli lathi umphikukristu, ngezinsuku zokugcina, uyodukisa bonke ababehlala emhlabeni, abamagama abo angalotshwanga eNcwadini yokuphila yeWundlu selokhu kwasekelwa izwe, hhayi imvuselelo yokugcina, kodwa ukusekelwa kwezwe. Nakho-ke. Ngakho uyazi ukuthi uphila ngaphezulu, usentweni ethize, wemukele uMoya oNgcwele. Wesabani na? Amen. UNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu; ngiyakukholwa, anikukholwa na?

120 Ngambuka lowomfo lapho imizuzu embalwa, leyo ngwejeje ichipmunk ihlezi lapho, ihamba, noma, encane ichip- . . . Yilokho esikubiza ngakho, ekhaya, zincane, empeleni, ingwejejeje encane yaseshobeni, yayihamba, "Tshweke, tshweke, tshweke. Tshweke, tshweke, tshweke."

121 Lolokhozi lwenela yikho, lwalungasafuni nje ukuzilulaza ngayo nhlobo, ngakho lavele lwenza ukubhampa okukhulu, *kanjalo*, lwabhakuzisa amaphiko alo cishe kabili, futhi lwalungaphezu kwemithi yokwenza amapulangwe; lwavele lwahlela amaphiko alo, alubange lusawabhakuzisa, lavele lahlela amaphiko alo. Futhi ngaso sonke isikhathi lapho umoya ungena, lwalukhuphukela phezulu. Umoya wawungena, lwakhuphukela phezulu, lunganyakazisi uphaphe, lwalwazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo. Ngalubuka, ngawisa isibhamu sami, ngalubheka, lwaba luncane, lwaba luncane, lwaze lwathi ngqu laphela emehlweni ami.

122 Ngacabanga, "O Nkulunkulu, yilokho-ke, yilokho-ke. Akusikho ukuthi joyina *leli*, bese uthatha amaphepha akho usuka ku*leli ngapha*, joyina *leli*, joyina *leli*, joyina *lelo*, gijima udabule umugqa womkhuleko owodwa; Ngokukhuluma ngomlomo woza wedlule, dlula kowakhe, futhi wedlule komunye, wedlule komunye. Akusikho lokho."

123 Kungukwazi nje ukuthi uwahlela kanjani amaphiko akho okukholwa emandleni okuvuka kwaKhe. Futhi lapho uMoya oNgcwele ungena, gibela phezu kwakho ngqo, gibele ngaphezu kwaleyo ngwejeje ichipmunk ehlezi lapho, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into efana nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu," lesosidalwa esibopheleke emhlabeni. Thina siyizinkozi. Haleluya! UMoya oNgcwele uyangena, futhi siyagibela siphume endleleni yengozi, sithi ngqu kuze kube ukuthi asisakwazi nhlobo ukukuzwa.

124 "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Kungukufunda ingqondo. Kukhona okungalungile. Ibandla lethu lizokwenza *lokhu*. Sinelikhulu ukuwedlula onke. Singenkulu ukuzedlula zonke inhlanga-. . . " Vele ugibele ngaphezulu kwayo.

125 Vele uhlele amaphiko akho bese uthi, "Jesu Kristu, ngiyaKuthanda, ngithemba Wena," manje bamba leNcwadi endala enamaphiko amabili ebusisiwe *lapha* bese uvele undize uhambe, haleluya, ngokuba Unguye izolo, namuhla, naphakade. Amen.

126 UNkulunkulu emhlabeni waKhe nezulu! Uyakholwa ukuthi Usemhlabeni waKhe nezulu na? Mbone ezinyonini zaKhe, Mbone yonke indawo. Kuzodingeka sihambe ngokushesha kuleyondaba ukuze sithole zonke ezinye; sihlala intambama yonke ekutheni "UNkulunkulu EMhlabeni waKhe nezulu."

127 Manje, ake sibone "UNkulunkulu EZwini laKhe." Bangaki abakholwa ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Uyakholwa manje ukuthi uNkulunkulu usemhlabeni waKhe nezulu. Manje, ake sithathe "UNkulunkulu EZwini laKhe."

128 Manje, iBhayibheli lathi, uJesu wathi, ukuthi iZwi laliyiMbewu umhlwanyeli ayihlwanyelayo. Lokho kunjalo na? Manje, nina bantu, lapha e-Oregon, uma nihlwanyela izitshalo zenu, kwenzani na? Awudingi ukuphuma njalo ekuseni, usimbe. Uma uhlwanyela . . . utshala isitshalo sommbila, futhi njalo ekuseni uyaphuma uyosimba, usibuke, uthi, "Awu, ingabe sona . . . ? Angiyiboni into eyenzekayo," asisoze sakhula. Angeke—angeke usimbe, ufanele usinikele emhlabathini, yindawo yaso leyo; njalo lapho usimba, uyasibambezela.

129 Ngilaleleni, ngizosho into enkulu. Njalo lapho ubuka izimpawu zakho, ubambezela ukuphulukiswa kwakho. Ungaphinde ukumbe futhi, kunikelwe kuYe owethembisa ukuphulukisa, Lowo ophilisa bonke abanye.

130 Lapho udlula emgqeni womkhuleko nezandla zibekwe phezu kwakho, iBhayibheli lathi, "Umkhuleko wokukholwa uyakubasindisa abagulayo," ungathi, "Awu, ake sibone ukuthi ngizizwa ngingcono yini, inhliziyo yami ingcono yini, izandla zami . . . " ungakwenzi lokho, uyasibambezela, sinikele emhlabathini ngoba kuyimbewu.

131 Imbewu yenzani na? Buka esincane—buka esincane—esincane isihlahla sama-apula phandle lapha. Nina bantu nitshala inqwaba yama-apula. Bukani, isihlahla esincane sama-apula lapho singengaphezu kwalokho, esikubiza empumalanga, nge "hlumela," isihlahla esincane esithi asibe *njalo*. Bewazi yini ukuthi lonke i-apula, eliyoke libe kulesosihlahla likuso ngayo leyonkathi na? Uma kungenjalo, savelephi na? Savelephi na?

Futhi lesosihlahla sama-apula esine. . . sizokukhiqizela izitsha ezingamakhulu zama-apula, avelaphi na?

132 Lapho ubeka lesosithombo esincane, cishe esi*ngako*, nje esiphuma embewini ye-apula, futhi usibeke phandle lapho, futhi lonke i-apula eliyoke libe lapho, lingena kuso ngaleyonkathi, sekungashiwo, zonke izitsha ezingamakhulu zama-apula ozoziqoqa kuso, azisiwo uhhafu we-intshi ukuphakama. Amen. Nakho lapho Ukhona. Kuvelaphi na? Kuse-apuleni-ke.

133 Futhi uma utshalwe ekufeni kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, utshalwe kuKristu, futhi wemukele ukuPhila kukaMoya oNgcwele kuwe, yonke into oyidingayo yonke indlela ohambweni kukuwe ngaso lesosikhathi, ngoba uba yiMbewu. Uyakubona na? UNkulunkulu eZwini laKhe.

134 Manje, isihlahla kufanele senzeni na? Lapho usitshala, into kuphela okufanele uyenze ukusinisela, futhi khona-ke sifanele siphuze; amaqabunga akuso, ama-apula akuso, i. . . yonke into isesihlahleni nqqo, kodwa sizofanele siphuze, sizofanele siphuze ngaphezu kwesabelo saso. Futhi njengoba siphuza, siphushela ngaphandle, siphushela ngaphandle amaqabunga, siphushela ngaphandle izimbali, siphushela ngaphandle ama-apula; kodwa sizofanele siqhubeke nokuphuza, siphuze, siphuze, ukuze siphushele ngaphandle.

135 Futhi lapho sithatha isithembiso sikaNkulunkulu, sisiqathazele enhliziyweni yethu, siyaqhubeka nokusinisela ngokukholwa, futhi silokhu siphushela ngaphandle, siphushela ngaphandle. Haleluya! Lapho uKristu etshalwe enhliziyweni, uMoya oNgcwele, into kuphela esiyenzayo ukuphuza kuleliZwi likaNkulunkulu, futhi Liphushela ngaphandle insindiso, Liphushela ngaphandle ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, Liphushela ngaphandle inkazimulo, Liphushela ngaphandle. Yonke into esiyidingayo ikithi ngqo lapho sitshalwe kuKristu Jesu.

136 Nansi incazelo yami ngaYe, ngokuba ngaManzi: UnguMthombo wokuPhila ongenakuqedwa. Awusoze waMcela okuningi kakhulu. Awusoze waMkholwa ngenxa yezinto ezinkulu kakhulu, Uyathokoza ngawe uMkholelwa ngezinto ezinkulu, awusoze wakwenza ngokweqile.

137 Ubungathini inhlanzi encane engaba yisigamu se-intshi ubude, phandle lapho phakathi nolwandlekazi, ithi, "Manje, awume kancane, kungcono ngiyicabangisise lento, kungcono ngiphuze ngokonga kakhulu lamanzi ngoba ngingase ngiphelelwe kulonyaka." Awu, uma ubungakucabanga lokho, khona-ke zama ukuqeda umthombo wobuhle bukaNkulunkulu kuwe.

138 Ubungathini nje igundane elincane elingahle libe yi-intshi ubude, ngaphansi kwezinqolobane ezinkulu za—za—zaseGibhithe, lithi, "Ngizodla nje uhlamvu olulodwa ngosuku,

kungcono ngizivumele uhlamvu olulodwa ngosuku, ngoba ngingase ngiphelelwe ngaphambi kokuba kungene isivuno esisha." O, he. Wenzani na? Uyaziphuca qobo lwakhe.

139 Yileyo impela indaba ngebandla namuhla, ekuthatheni izivumokholo nezimfundiso zebandla nokuzama ukumunca kuzo, esikhundleni sokuthatha iZwi likaNkulunkulu, nokujabulela ukugcwala kombhaphathizo kaMoya oNgcwele nezinto zikaNkulunkulu. Ngani na? IZwi laKhe liyiMbewu, naleliZwi liveza inhlobo yaLo.

140 Manje, sisanda kwedlula imvuselelo enkulu, yashanela izwe, yaqhubeka cishe iminyaka eyishumi nanhlanu. Sivuneni na? Sivune isigejane samalungu amasha. Ya. Ngani na? Yilolohlobo lwembewu esaluhlwanyela.

141 Khumbulani, imvula inela emhlabathini ukuwunisela, ukuwulungisa, olungiselwe khona. Futhi manje, khumbulani, ukuba ubunensimu kakolo phandle lapha, futhi yayimila, namakhanda ayo amancane elenga ngale...Lapho ubona noma yini eqine kakhulu, ngukuzazisa, esisindayo, isihloko esigcwele njalo siyakhothama. Ngethemba nikutholile lokho. Ngakho manje qaphelani, manje, kodwa ukhula oluncane lumi lapho, futhi kuyisomiso, abantu bakhulekela imvula. Awu, lowokolo omncane uyahamba, "Ha-a, ha-a." Awukwazi nje—awukwazi nje ukuba usaphinde uqhubeke neze, luzofa. Ukhula oluncane lujabulela nje ukuthola amanzi njengoba lungaba njalo. UNkulunkulu uthumela imvula, futhi niyazi uk'thini? Lapho imvula ina, lowokolo omncane uyaqonda thwi futhi uhambe, "Udumo kuNkulunkulu!" Umemeza nje izindumiso zikaNkulunkulu ngoba usuyaphila, futhi amanzi afanayo enza ukhula lukhule, ngokujabula nje, lungamemeza kakhulu nje.

142 Manje, yilokho uJesu akusho ku, uma nifuna ukukufunda, maHeberu isahluko se 6. Anginaso isikhathi sokungena kukho, ngoba kuyaqhela kithi, "Imvula ifika kaningi emhlabathini." UJesu wathi, "Imvula inela abalungile nabangalungile."

143 Singababona abantu bememeza, bekhuluma ngezilimi, besina eMoyeni, yonke into kanjalo, lokho akusho ukuthi, nokho, sebekutholile. O, qhabo. Ngibone abaningi babo bekwenza futhi bengenayo kodwa, "Niyakubazi ngezithelo zabo," isithelo, uMoya oNgcwele, ukukholwa iZwi likaNkulunkulu, nokubonakalisa iZwi likaNkulunkulu.

144 Lokho kusiholela emcabangweni olandelayo, "UNkulunkulu ENdodaneni yaKhe." Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu useZwini laKhe na? Besingakwenza kanjani... *Ngapha* nginedazini lemiBhalo ebhalwe lapha mayelana nokuthi uNkulunkulu uzibonakalisa kanjani ngo-Abrahama, ngabehlukene kanjalo, efakazisa ukuthi Wayenjalo. Kodwa funa thina...Bangaki abakholwayo ukuthi uNkulunkulu useZwini laKhe na? Ngokusobala, UyiZwi.

145 Manje, "UNkulunkulu ENdodaneni yaKhe." Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe na? Wayengukubona-. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . wathi, "Hlolani imiBhalo; ngokuba kuYo nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade, YiYo efakaza ngaMi. Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi khona-ke ningaNgikholwa." Sedlule kangaki kuleliviki kulokho, emuva naphambili, ukukhombisa ukuthi WayeyiZwi. Ngakho niyayibona imvelo, iZwi, iNdodana, konke kuza kuNkulunkulu ofanayo, empeleni uNkulunkulu ofanayo esebenza emigudwini eyahlukene.

146 UJesu wayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, WayenguNkulunkulu iZwi. Ngamunye wethu sizokholwa ukuthi uNkulunkulu wayekuKristu ebuyisana nezwe kuYe uqobo. UJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, umzimba lowo, futhi uNkulunkulu wayenguMoya owahlala kulelotabernakele Azidalela lona Yena uqobo, umzimba wentombi. UNkulunkulu . . .

147 Yingalesosizathu Athi lapha, "Kade Nginani isikhathi esingaka futhi awuNgazi na? Ongibonile Mina ubonile uBaba." Ngamanye amazwi, "Nibona uBaba esebenza kiMi. UNkulunkulu unguMoya; abaMkhonzayo bafanele baMkhonze ngoMoya nangeqiniso." Niyabo? UNkulunkulu unguMoya. Futhi lapha sithola iZwi libonakaliswa. KuJohane wokuQala siyathola, futhi kuJohane 11, kuyasho lapha ukuthi . . . futhi nakuJohane 5:24, sithola izindawo eziningi. UJohane 14, uJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Ngani na? YiZwi elibonakaliswe kubo.

148 Lapha esikhathini esithile esedlule, ngangishumayela, ngiphakamisa, futhi owesifazane, ungowelinye ibandla . . . Angithandi ukubiza amabandla, awamahlelo, amagama, kodwa lona wesifazane, wayesonta ebandleni elalikholelwa ekuphulukisweni kwengqondo. Bakholwa ukuthi u—ukuthi udeveli ungumcabango, noNkulunkulu ungumcabango, nemicabango yakho—yakho iyilokho eyikho. Bayabuphika ubuNkulunkulu bukaJesu Kristu. Ngalolusuku ukuthi, lapho . . . Abantu bazama ukwenza uJesu umuntu nje.

149 Ngani, Wayengaphezu komuntu! Ukuba Wayengumuntu nje, sonke silahlekile. WayenguNkulunkulu, lutho olungaphansi kukaNkulunkulu, WayenguNkulunkulu ebonakaliswa enyameni, uJehova, uBaba, ehlala eNdodaneni yaKhe, ebuyisana nezwe kuYe uqobo.

150 Yingalesosizathu sathunywa nguMathewu oNgcwele lapho, "Babhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Ini? Hhayi oNkulunkulu abathathu, ukubonakaliswa okuthathu kukaNkulunkulu ofanayo. UNkulunkulu uBaba wayeyiNsika yoMlilo, Yenziwa inyama futhi yahlala phakathi kwethu: uNkulunkulu iNdodana.

UNkulunkulu ngaphezu kwethu, uNkulunkulu enathi, manje uNkulunkulu ofanayo, uMoya oNgcwele okithi. Izikhundla ezintathu: uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. NguNkulunkulu ofanayo, hhayi oNkulunkulu abathathu, uNkulunkulu oyedwa WaZenzela izikhundla ezintathu, ukubonakaliswa okuthathu. Amen.

O, i—izwe elinjena pho esiphila kulo! Qaphelani, kuphelele. Manje, ngenkathi Wayelapha emhlabeni . . .

151 Lo wesifazane wathi, "Mnu. Branham," wathi, "ngiyakujabulela ukukuzwa ukhuluma, kodwa kunephutha elilodwa engilithola kuwe."

Futhi ngathi, "Yini leyo na?"

Wathi, "Uqhosha kakhulu ngoJesu."

152 "O," ngathi, "uma lokho kuyiphutha kuphela enginalo, ngi—ngiyakubonga ngempela, nenekazi, uma kuyilokho kuphela ongakuthola kungalungile ngami." Ngathi, "Ngithemba ukuthi uNkulunkulu ungaleyondlela lapho ngihlangana naYe, futhi ukuthola nje ukuqhosha ngeNdodana yaKhe kakhulu ukuphela kwephutha enganginalo."

Futhi wathi, "Awu, uthe ubungoqavile. Uvele wakhuluma ngeBhayibheli futhi awuzange ufake lutho . . . "

Ngathi, "Kunjalo impela." Ngisakusho lokho.

Wathi, "Uma ngingafakazisa kuwe, ngeBhayibheli lakho uqobo, ukuthi wayengesuye onobuNkulunkulu . . . ? Uhlala umenza onobuNkulunkulu."

153 Ngathi, "Wa—Waye . . . Uma Wayengesuye onobuNkulunkulu, Wayengumkhohlisi omkhulu kunabo bonke izwe elake laba naye, futhi sonke sisesonweni. Uma nje Wayengumuntu ojwayelekile, khona-ke noma yimuphi omunye umuntu wayengafa, omunye ngenxa yomunye. Ubengeke asilele ngalutho kuNkulunkulu." Kulungile.

154 Ngenkathi Enyuka eya eKalvari, ngalolosuku, lawomabala abomvu ebhantshini lakhe, angena kwelilodwa onke, inyosi yokufa itinyela ngakuYe, ibubula, "Ngimtholile manje." Bavele bavele bamboza ubuso baKhe ngendwangu base beMshaya ekhanda, niyazi Wayengakwazi ukwahlukanisa imicabango. Bathi, "Sitshele ukuthi ubani okushayile futhi sizokukholwa." BaMkhafulela ebusweni, bahluthula intshebe engagcwala isandla.

155 Udeveli wathi, "Ngimtholile manje." Futhi lapho Ekhuphuka igquma, wathi, "Bekungeke kube uNkulunkulu lowo," udeveli wathi, "lokho angeke kube nguNkulunkulu, Akasoze abekezelela lutho olunjalo."

156 Futhi ngiyaMbona lapho Ekhuphuka, umzimba waKhe omncane oyintekenteke uwa *kanjalo* lapho Ediyazela

ekhuphuka igquma, leyonyosi ibubula ngakuYe, lokho kubhuza kokufa emithanjeni yaKhe ngqo, azi kokuncanyana Wayezobe esehambile, leyonyosi yathi, "Ngimtholile manje."

157 Udeveli wathi, "Qhubeka, kufa, mthole. Yilokho kuphela okukhona, akalutho, ufana nje nabo bonke abanye, uzokufa. Mtinyele khona lapho phansi, futhi uzofa."

158 Kodwa buka, mfowethu, lapho inyosi ike yagxilisa udosi lwayo ekujuleni ngempela, angeke isakwazi ukuphinde idonse udosi, angeke isaba nalo udosi, izokhipha udosi. Lapho udosi lokufa lungafika kumuntu ojwayelekile, ngoba wayeyisoni, wayengakhipha lolodosi futhi atinyele omunye, kodwa ngalesosikhathi wagxilisa udosi lwakhe enyameni ka-Emanuweli. Haleluya! Kwakhipha udosi ekufeni.

159 Inyosi ingabhuza futhi yenze zonke izinhlobo zomsindo, lowo omdala . . . Futhi noma yisiphi isinambuzane esike sitinyele ngokujulile ngokwanele, silahlekelwa udosi lwaso, futhi lapho ukufa kwatinyela iNdodana kaNkulunkulu, kwalahlekelwa udosi lwakho. Akumangalisi uPawulu wayengathi, "Kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na?" Impela. Wayengaphezu komuntu, Lowo kwakungu-Emanuweli, uNkulunkulu enathi.

160 Futhi wathi, "Ngizofakazisa kuwe, ngeBhayibheli lakho, ukuthi wayengeyena onobuNkulunkulu."

Ngathi, "Ake sikuzwe ukwenza."

Wathi, "UJohane oNgcwele isahluko se 11, iBhayibheli lasho ukuthi ngenkathi uJesu eya ethuneni likaLazaru 'Wakhala izinyembezi.'"

Futhi ngathi, "Ingabe lowo ngumBhalo wakho na?"

Wathi, "Yebo, wayengeke abe ngonobuNkulunkulu futhi akhale izinyembezi."

161 Ngathi, "Nenekazi, uyazi uk'thini? Leyo mpikiswano onayo izace ukwedlula isobho elenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawe indlala." Ngathi, "Awu, awunayo i—indawo yalutho lapho." Ngathi, "Uyehluleka ukubona ukuthi Wayeyikho kokubili uNkulunkulu noMuntu, WayenguNkulunkulu-Muntu, uNkulunkulu wayekuYe." Kunjalo. Ngathi, "Ake ngikubuze okuthize. Wehlela ethuneni ekhala izinyembezi, WayenguMuntu," Ukhala izinyembezi nalabo abakhala izinyembezi; Udabukile nalabo abadabukileyo; Ujabule nalabo aba, gcwele injabulo; "kodwa ngenkathi Ehlela ethuneni, emi lapho, amahlombe aKhe amancane eqhothile," iBhayibheli lathi, "Akukho ubuhle, ukuba siMfise," "wathi, 'Susani itshe,' waqondisa lawomahlombe amancane, 'Lazaru, phuma.' Futhi indoda, eyayinezinsuku ezine ifile ethuneni, ibolile, yaphila futhi yama ngezinyawo zayo, lokho kwakungaphezu komuntu."

Amen. "Lowo kwakunguNkulunkulu eNdodaneni yaKhe." Haleluya! Umuntu angeke akwenze lokho.

162 Yena . . . Ngizovuma ukuthi WayenguMuntu ngenkathi Ehla entabeni, ngalobobusuku, ekade ephezulu lapho elambile, ehla, efuna okudliwayo, eqalaza macala onke esihlahleni azokudla. WayenguMuntu ngenkathi Elambile, kepha lapho Ethatha amabhisikidi ayisihlanu nezinhlanzi ezimbili, waphakela izinkulungwane eziyisihlanu, lokho kwakungaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu eNdodaneni yaKhe. Niyakukholwa na?

163 WayenguMuntu ngenkathi Elele phandle lapho ngemuva kwalowomkhumbi ngalobobusuku, futhi ushukunyiswa njengokhokho webhodlela esiphephweni, ngenkathi amademoni ayizinkulungwane eziyishumi olwandle afunga ukuthi azoMminzisa. WayenguMuntu elele lapho elele, ekhathele, amandla ayephumile kuYe, WayenguMuntu, kodwa lapho Evuswa, wenyukela entanjeni yesikebhe, wabeka unyawo lwaKhe phezulu, wabheka phezulu, wathi, "Thula, uthi du," nemimoya namaza kwaMlalela, lokho kwakungaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu eNdodaneni yaKhe. Amen. Haleluya!

164 WayenguMuntu ekhala esiphambanweni, "Ngomile. Ngiphuzise." Kodwa ngalolosuku lwesithathu ngenkathi Eqaqa izimpawu zokufa, isihogo, nethuna, waphinde wavuka futhi, Wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu. Amen.

165 Noma yimuphi owesilisa noma owesifazane owake wafika ezeni uyakukholwa lokho. Kwaxhuxhumisa izinhliziyo zezimbongi ezansi kukwedlule eminyakeni. Uma bengingabizela enkundleni, namuhla, umuntu okukholwayo lokho, ngicabanga ngo-Eddie Perronet. Nonke niyayazi imbongi, u-Eddie Perronet. Akekho owayezothenga izinkondlo zakhe, babengafuni kuzihlanganisa ngalutho nazo. Ngelinye ilanga wayekhala, futhi wangena endlini yakhe yokufundela, futhi wathi, "O Nkulunkulu, yini engingayenza na?" Futhi wadumela ipeni lakhe, futhi wabhala iculo lokuvula. Wathini, Eddie Perronet na? Wathi:

> Bayede mandla eGama likaJesu!
> IziNgelosi maziwe zilale phansi;
> Zilethe umqhele wobukhosi,
> Futhi ziMthwese iNkosi yakho konke; (Amen.)

Omunye wathi:

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude;
> Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
> Ngelinye ilanga Uyeza—o, usuku olukhazimulayo. (Amen.)

UNkulunkulu eNdodaneni yaKhe, ebuyisana nezwe kuYe uqobo. Amen.

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude;
> Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
> Futhi ngolunye usuku Uyeza—o, usuku olukhazimulayo.

UHoskins wabhala:

> Lapho ngihlola isiphambano esimangalisayo
> Lapho iNkosana yeNkazimulo yafa khona,
> Ngibala lonke udumo lwami njengokulahlekelwa,

UFanny Crosby oyimpumputhe wamemeza kakhulu:

> Mawungangedluli, O Msindisi omnene,
> Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
> Lapho Ubabiza abanye,
> Mawungangedluli.
>
> Ngokuba Wena, unguMfula wenduduzo yonke yami,
> Ungaphezu kokuphila kimi,
> Ubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na?
> Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na? (Amen. Amen.)

166 UNkulunkulu eNdodaneni yaKhe, niyakholwa ukuthi Wayenguye na? Wayebukeka njengoNkulunkulu, Waziphatha njengoNkulunkulu, Wathi WayenguNkulunkulu, Wakhala njengoNkulunkulu, Waphulukisa njengoNkulunkulu, Wafa njengomuntu, futhi Wavuka njengoNkulunkulu. WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, UNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe. Niyakukholwa na? UNkulunkulu wayesemhlabeni waKhe nezulu. Niyakukholwa na? UNkulunkulu useZwini laKhe. Niyakukholwa na? UNkulunkulu useNdodaneni yaKhe. Niyakukholwa na?

167 NingaMbona kuKristu na? UJesu wathi, "Uma nibona Mina nibona uBaba. Kungani uthi, 'Ngikhombise uBaba'?" UNkulunkulu wayeseNdodaneni, ebuyisana nezwe kuYe uqobo. Manje, "UNkulunkulu Emhlabeni waKhe nezulu." Niyakukholwa na? "UNkulunkulu EZwini laKhe." Niyakukholwa na? "UNkulunkulu ENdodaneni yaKhe." Niyakukholwa na? Manje "UNkulunkulu Ebantwini baKhe." Amen.

168 Lapho uthola uBaba, iNdodana, uMoya oNgcwele, uNkulunkulu ofanayo ngaso sonke isikhathi, ezehlisa. Lapho ongcwele, umuntu eqhela kuYe, wayengenakusondela, ngisho nemvu ethinta intaba, noma inkabi, ifanele ihlatshwe.

Ngenkathi Ema esiqongweni saseSinayi futhi wabhonga ngeZwi laKhe, kwakungekho lutho olwalungasondela, ngoba kwakungekho mhlatshelo ngaphandle kwesilwane; lowo kwakunguNkulunkulu ngaphezu kwethu.

169 Khona-ke uNkulunkulu ezenhlisa, Wehla futhi saMuzwa, UThimothewu wokuQala 3:16, "Kuvunyiwe ukuthi inkulu imfihlakalo yokukhonza uNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, wabonwa yiziNgelosi, wakholwa, wemukelwa phezulu eNkazimulweni." Simbonile uNkulunkulu eZiveza ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu.

170 Manje, uNkulunkulu ngaphezu kwethu, uNkulunkulu unathi, manje uNkulunkulu kithi. Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho Wakuthululela kuKristu, nakho konke uKristu ayeyikho Wakuthululela eBandleni, "Kuseyisikhashanyana, nezwe lingabe lisaNgibona; nokho niyakuNgibona. Ngokuba Ngi," futhi u *Ngi* isabizwana somuntu, "Ngizoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kokuphelelisa." Haleluya! Udumo! "UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade."

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude;
> Evuka, Walungisisa ngesihle phakade;

171 Akumangalisi EyiMpande neNzalo kaDavide; iNkanyezi yokusa; Owayekhona, okhona, nozayo; Owayefile uyaphila phakade, ezibonakalisa Yena uqobo emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, kufakazisa ukuthi Ulapha. "UNkulunkulu Emhlabeni waKhe nezulu," "UNkulunkulu EZwini laKhe," "UNkulunkulu ENdodaneni yaKhe," "UNkulunkulu Ebantwini baKhe." "UJesu Kristu onguye izolo, namuhla naphakade."

172 "Ngikhombise uYihlo kuzosanelisa." UNkulunkulu ebantwini baKhe ngePhentekoste, uNkulunkulu ekuPetru ngenkathi isithunzi sakhe sidlula phezu kwabagulayo, wabaphulukisa, UNkulunkulu kuPawulu, ukuthi bathatha emzimbeni wakhe amaduku nezindwangu. Haleluya! UNkulunkulu ulapha, namuhla. Niyakukholwa na? UNkulunkulu, niyakholwa ukuthi Usemhlabeni waKhe nezulu na? Niyakholwa ukuthi UseZwini laKhe na? Niyakholwa ukuthi UseNdodaneni yaKhe na? Niyakholwa ukuthi Usebantwini baKhe na?

173 Sikubukile kuleliviki, isikhathi nesikhathi, imisebenzi efanayo uNkulunkulu ayenza ngoSolomoni, kwakunguNkulunkulu, imisebenzi efanayo Ayenza ngothile lapho, Wayenza ngoJesu, iNdodana yaKhe. Into efanayo esiMbone eyenza ngeNdodana yaKhe, siMbona eyenza ngeBandla laKhe, iMenza abenguye izolo, namuhla, naphakade, "UNkulunkulu Emhlabeni waKhe nezulu," "UNkulunkulu

EZwini laKhe," "UNkulunkulu ENdodaneni yaKhe," "UNkulunkulu EBantwini baKhe." Amen. Amen.

174 Asikhothamise amakhanda ethu. Ngizobuya, ngesinye isikhathi, lapho sengingakwazi ukushumayela inqobo nje uma ngisafuna. Haleluya! Niyakukholwa na? "Sikhombise uYihlo, kuzosanelisa. Vele usikhombise uYihlo, futhi kuzosanelisa."

175 Siyibonga kanjani iNkosi ukuthi Uhlala unguNkulunkulu! Kungani singaMbongi ngoba Wa—Wanikela ngeNdodana yaKhe eyodwa vo, iNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuze Alethe amadodana amaningi emhlabeni, ukuze Azibonakalise ephila namuhla! UJesu wafa, iNdodana kaNkulunkulu ezelwe yodwa, ukuze Isenze abantwana abatholiwe, ukuze Yenze intando yaYo ngathi.

176 Besifanele sibe namahloni kanjani, sizisho ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu futhi sivumele udeveli asiphushe ngapha nangapha njengoba enza! Sinamalungelo, sesivele sivuke kanye naYe. Wena uthi, "Unamandla na?" Qhabo, mnumzane. Asinawo amandla, kodwa sinegunya. Kunenqwaba yomehluko phakathi kwamandla negunya. UKristu unamandla.

177 Omunye wangibuza esikhashaneni esedlule, umfowethu oyigugu, wahlangana nami emgwaqeni, wathi, "Mfowethu Branham, ingabe uyiJesus Name na?"

Ngathi, "Ngiyinceku kaJesu." Ngiyinceku yaKhe.

178 Qaphelani, ngifuna ukunibuza okuthize. Usenguye izolo, namuhla, naphakade. Ungathanda ukuthi Abe nguMsindisi wakho, kulentambama na? Ungathanda ukwazi ukuthi loNkulunkulu, oseduzane, angaba uMsindisi wakho na? Uma ubungathanda, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngifuna ukuMemukela, Mfowethu Branham, khona lapho engikhona, ngizokholwa." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kuhle lokho. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kuhle lokho. Phezulu kovulandi abasesitezi, nxazonke yonke indawo, uNkulunkulu anibusise. Kuhle lokho. Izandla eziningana ziphakamile.

179 O, niyabo, lapho sisaqala ukufudunyezwa emhlanganweni manje, niyakubona lokho, uSathane uzama ukuvikela na? Lowo develi wakudala! Uyakholwa khona manje, leli yihora, lesi yisikhathi, ebandleni lakho uqobo, ungaqala imvuselelo futhi wenze imisebenzi kaNkulunkulu. UJesu wathi, "Okholwa yiMi . . . Yena lowo . . . Lowo uNkulunkulu amthumileyo wenza imisebenzi kaNkulunkulu." Amen. Kukholweni manje. Ningakungabazi. Ninokukholwa, ningangabazi. Hloniphani ngempela umzuzu nje futhi nikhuleke.

Ingabe wena . . .? Ngokuthula ngempela manje.

[Udade ukhuluma ngezilimi nomfowethu uyahumusha—Umhl.] Sh, sh, sh, sh!

180 Amen. Makabongwe uNkulunkulu. Sonke siyakholwa, futhi sikholelwa ekukhulumeni ngezilimi nokuhunyushwa kwezilimi. Siyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwenza lokho, futhi Ukwenzela ukwakha iBandla laKhe. Manje, uma ngiwuqaphelile umlayezo kahle nje, usho okuthile ngokuthi "Kholwani ukuthi iNkosi ibizozibonakalisa Yona uqobo futhi yenze okuthize e . . . yenzela abantu baYo."

181 Manje, khona lapho nisahlezi, ngaphambi kokuba sibize umugqa womkhuleko, ngifuna ukunibuza okuthize. Wonke umphefumulo owemukele uKristu, uzosenza lesisithembiso kimi nakuNkulunkulu, kuNkulunkulu kuqala bese-ke kuba kimi, ukuthi wonke umuntu lapha, okholwa eNkosini uJesu Kristu, uzoya kwelinye lalamabandla amahle lapha, futhi acele umbhaphathizo womKristu, uma ungakabhaphathizwa ngamanzi, futhi nihlale lapho, nize nemukele uMoya oNgcwele, futhi—futhi nizonikela ukuphila kwenu kuKristu enkonzweni na? Yena . . . "Bonke abakholwayo wanezelwa eBandleni." Ngabe kunjalo na?

182 Bangaki abazothembisa lokho, ongakaze akwenze, uzokwethembisa uNkulunkulu, khona manje, ngomusa waKhe, uzokwenza na? Uma ungabona uNkulunkulu ezibonakalisa qobo lwaKhe phakathi kwabantu baKhe, kulentambama, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngizokwenza." UNkulunkulu akubusise. Phakamisa isandla sakho, vele uthi, "Ngi . . . " UNkulunkulu akubusise. Omunye, uNkulunkulu akubusise. Wena, wena, wena, wena. Awubuke nje izandla.

183 Konke phansi lapha, kwiphansi elisekugcineni manje. Bangaki, othi, "Uma ngingabona uNkulunkulu Ezibonakalisa futhi eZifakazisa khona lapha phakathi kwabantu baKhe, NgiMbonile emhlabeni waKhe nezulu, ngiyakholwa ukuthi UseZwini laKhe, naseNdodaneni yaKhe, futhi iNdodana yaKhe inguye izolo, naphakade, uma ngingabona iNdodana iza *esenzweni*, yenze into efanayo eYayenza ngenkathi Ilapha emhlabeni, ngizokukholwa ngenhliziyo yami yonke, futhi ngizokwenza isivumo, ngiye ebandleni futhi ngibhaphathizwe, futhi ngibize iGama leNkosi"?

184 Kovulande abasesitezi ngapha, ngakwesokunxele sami, ngingazibona ezinye izandla lapho na? Uthi, "Ngiyamethembisa uNkulunkulu lokho." Noma ubani kini angeke yini axegise ngalokho, lokho ongesiwo amaKristu na? Ngokuhambisana ngapha phakamisani izandla zakho ukuze ngibabone. Futhi uNkulunkulu ungababona, Uzokwazi, Uyayazi inhliziyo yakho. Emuva kovulandi abasesitezi ngapha, angiboni emuva lapho, kumnyama kakhulu, kodwa phakamiselani izandla zenu kuNkulunkulu futhi nithi, "Ngizokwenza. Ngizokwenza." Ngiyakubona ukuphephetha noma into efana naleyo, angeke ngisho ukuthi kuyikuphi.

185 Emuva ngale ngapha, phakamisa isandla sakho, ngikholwa ukuthi uthembekile, uzokwenza. Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu anibusise. Nxazonke. Ngabe kusekhona kwiphansi manje na? Phansi lapha, uthi, "Ngizophakamisela isandla sami kuNkulunkulu." UNkulunkulu akubusise, Nenekazi. UNkulunkulu akubusise ngapha, Mnumzane. Lokho kuhle kakhulu, kakhulu.

186 Omunye umuntu na? Ngi . . . UNkulunkulu uyayazi inhliziyo yakho, ukuqondile lokho, kunjalo. Ungabe usalinda kade. Kulobubusuku, uya kwelinye lalamabandla lapha, khona lapha ndawondawo, futhi . . . ukuba ubhaphathizwe, ubiza iGama leNkosi ngoba, khumbulani . . .

187 Uyakholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Phakamisa isandla sakho. Usho, uma ngifumene umusa emehlweni akho kuleliviki, phakamisani izandla zenu, bonke ofuna ukwethembeka bese uthi, "Ngiyakukholwa ngempela, Mfowethu Branham." Lalelani, ukufika kweNkosi kuseduze kunalokho enikucabangayo. Angifundisanga imfundiso lapha, ukuhlala nje okusobala noMlayezo wosuku.

188 Khumbulani isibonakaliso sokugcina sika-Abrahama. Futhi niyakhumbula ukuthi Ubani owehlela phakathi lapho na? Isibonakaliso sokugcina sika-Abrahama? Bukani entweni efanayo lapha ngesikhathi samaJuda, ngenkathi benqatshwa, lapha kusekupheleni kwesikhathi sabeZizwe.

189 Njengoba nginitshele nonke kuleliviki, futhi ngakwendlala eduze, futhi ngafakazisa kini, ngokuthi asikaze emlandweni sibe nomvangeli ensimini . . . USankey, uMoody, uKnox, uCalvin, kulelobandla eliyilo ngegama, phandle lapho, amabandla kaLoti, phandle eSodoma, abakaze bamukele uMoya oNgcwele futhi bazalwa futhi baphuma kukho. Kodwa ngaphandle phakathi lapho sinesithunywa esimangalisayo, phandle lapho namhlanje, esigama linguBilly Graham, G-r-a-h-a-m, njengo-Abraham. Niyakuthola na?

190 Kukhona iBandla elikhethiwe. Kukhona . . . Bukani ukuthi hlobo luni lomlayezo olwehlela ezansi lapho futhi washumayela kubo, "Phumani, phumani, phumani, phumani." Kodwa leNdoda yenzani phezulu *lapha* na? Yavele yabakhombisa isibonakaliso umhlane waYo ufulathele itende. Niyabo? Lelo kwakuyiBandla elikhethiwe.

191 O, musani ukulala, bangane, "Khona-ke vukani nina bangcwele beNkosi, kungani nizela lapho ukuphela kusondela, kodwa lungelani lokho kubiza kokugcina," futhi ukubiza kuyenzeka. Yibani nokukholwa.

192 Baba waseZulwini, ngiyinceku yaKho, ngi—nginikela lenkonzo kuWe. Ngishumayele iZwi laKho ngokwedlula konke engikwaziyo ukuthi kanjani, isikhathi esincane kanjani, ngokwethuka, futhi ngikhathele, futhi ngikhandlekile. Nkosi,

abantu bethamele, ubusuku emva kobusuku babuye njengoba be—bebefuna ukulalela okuningi.

193 Manje, Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi wonke Ombizile, bazoza kulomhlangano. Siphe khona, Baba. Sengathi lamabandla angagcwaliswa ngabantu. Kwangathi bangeza bevuma izono zabo futhi babhaphathizwe, bamukele uMoya oNgcwele. Siphe khona, Nkosi.

194 Beka elaKho . . . Laba abagogobele lapha manje, abasendleleni yabo eya ezweni lesethembiso, abazisho ukuthi bangabalelizwe, siyizihambi nabafokazi. Sizisho ukuthi sivela komunye uMbuso, safa embusweni omdala futhi sivuswa neNkosi yethu. InguMoya, iphila phakathi kwethu, isebenza, ukuPhila kwaYo kithi, isinika igunya lokushumayela iZwi laYo futhi, iphila kithi, yenza izimangaliso zaYo uQobo lapho Ihamba, isho futhi ikhombisa ukuthi imvelo yoMoya waYo, ngenkathi Yayilapha emhlabeni, kuseyinto efanayo namuhla. "UNkulunkulu Ebantwini baKhe." Sibusise manje.

195 Uzokwenza . . . Kuyoba kuWe, Baba, ukwenza okusele; ngishumayelile, ngenza ukubizela e-altare, izandla ziphakanyisiwe, ngibathembile kuWe. Nkulunkulu, yipha ukuthi bazoba imiklomelo yomhlangano, abasoze bakhohlwa, nomaphi lapho bebheka khona, bazokwazi ukubona uNkulunkulu, yonke indawo. Siphe khona. Sibusise ndawonye manje.

196 Manje, silindele ukuKubona ungena ugibele, Baba, egagasini. Woza, njengoba Wenza ngalobobusuku emkhunjini omncane onenkathazo, lapho wonke amathemba lalingasekho ukuthi bayoke basindiswe. Abantu babeKwesaba, futhi Wathi, "Ningesabi; YiMina; yimani isibindi."

197 Nkulunkulu, siphe khona namuhla, ukuthi abantu bangahle bazi, abaKusho ukuthi unguMsindisi wabo, ukuthi abadingekile ukuba bakhathazeke, Wena ulapha, onguye izolo, namuhla, naphakade, uNkulunkulu ebantwini baKhe. Siphe khona, Baba, ngeGama likaJesu. Amen.

198 Bangaki kini abanamakhadi omkhuleko manje na? Phakamisani izandla zenu. Ingabe ukhona lapha ongenawo amakhadi omkhuleko (Phakamisa isandla sakho.) futhi usalokhu usagula na? O, he. Awu, awukaze ufinyelele engxenyeni yesithathu yabo. Ngitshele uBilly ukuthi akhiphe amakhadi omkhuleko kulabo. Kulungile, nina eningenawo amakhadi omkhuleko, phakamisa isandla sakho futhi, angibone ngalapho enikhona. Mm, yonke indawo nje. Kulungile, bukani kimi.

199 Ngisho okuthile izolo ebusuku obekungamele ngikusho. Ngikusho ngokushesha, futhi khona-ke ngabuye ngakubamba. Ngithe, "Abantu baseMelika abakuthathi ukubona okufihlakeleyo." Abakwenzi, njengoba benza phesheya kwezilwandle, kusobala akunjalo, imvuselelo

isahamba lapho okwamanje. Kodwa ngithe, "Kuze kube uNkulunkulu uyangihola futhi, angeke ngikusebenzise ukubona okufihlakeleyo. Ngemva kokuphela kwalemikhankaso, ngizoyeka. Uma ngibuya futhi, ngizobe ngikhulekela abagulayo." Kodwa, niqaphelile yini, ngibeke, "*Uma* iNkosi ingihola"? Ngoba angikwazi ukukulawula, Uyalawula, ngiyithuluzi nje.

200 Njengalemikhrofoni, niyangizwa ngalemikhrofoni, akusiyo imikhrofoni eniyizwayo, yimina. Futhi yona . . . Ngiyisimungulu nje. Leyomakhrofoni ngaphandle komsindo ukuba ushaye leyongilazi ekhanyayo ibingaba yisimungulu. Ngakho ngiyisimungulu ngalezizinto, ngaphandle uma uNkulunkulu ekhuluma ngami. Niyakukholwa lokho na? Ingabe Wethembisa ngezinsuku zokugcina ukuthi Uyokwenza lezizinto na? Siyakwazi. Ingxenye nje yesikhashana esiyibonile kuleliviki, siyayikholwa.

201 Umuntu othile kulengxenye, ongenalo ikhadi lomkhuleko, phakamisa isandla sakho futhi futhi ukhuleke. UNkulunkulu akuphe khona. Lelinenekazi, elihlezi ekugcineni lapha, lingibuka, ngibonile ukuthi ubuphakamise isandla sakho, ubungenalo ikhadi lomkhuleko. Manje, usondele kimi, ukuze uMoya uzoqala.

202 Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Uyakukholwa lokho na? Ngenhliziyo yakho yonke na? Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi inkathazo yakho, uzongikholwa-ke na? Yazi . . . Uyazi ukuthi kuyiqiniso noma qha. Ubunezilonda ezingaphakathi esiswini ezophayo. Ube nokuhlinzwa ngakho, ukhathazekile. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Phakamisa isandla sakho uma kunjalo. Uthinteni yena na? Ngizomsukumisa owesifazane. Sukuma umzuzu nje, Nenekazi.

203 Ukuthi inenekazi lizokwazi, ngifuna ukulibuza umbuzo. Nanto lihlezi lapho, akukho khadi lomkhuleko, akukho lutho, kungena owesifazane nje, ahlale phansi. Kodwa ubehlezi lapho enokukholwa, ngoba usesimweni esibucayi. Konke otshelwe khona kuyiqiniso. Ngabe kunjalo, Nenekazi na? Phakamisa isandla sakho, uma okushiwo, nganoma yini obekungalungile ngawe, phakamisa isandla sakho. Wena. Lokhu . . . Ya, kunjalo. UNkulunkulu akubusise. Kulungile.

204 Manje, angilazi inenekazi, nanti iBhayibheli, angikaze ngilibone empilweni yami, lidala kunami, sazalwa ngokuhlukana ngeminyaka, amamayela aqhelelene, ukuhlangana kokuqala. Kodwa wenzeni na? Ubekhulekela okuthile, futhi uthinte umPristi oMkhulu, futhi ngokushesha njengoba kwenzile, Kuthinte emuva ngqo lapha kimi futhi kwamtshela. Manje, ungabe usakhathazeka, uzosinda, ukukholwa kwakho kukusindisile. Amen.

205 Bangaki abazokholwa manje, uNkulunkulu usebantwini baKhe na? Uyakukholwa na? Nakhu kuhlezi owesifazane, khona lapha, ekhathazekile, ezibuza, isimo somdlavuza akhathazeke ngaso. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungangabazi, yiba nokukholwa nje, Kholwa ukuthi iNdodana kaNkulunkulu iyakusindisa, futhi ungaya ekhaya futhi uphile. Uyakukholwa na? Nkosazana Staub, igama lakho lelo. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Siyizihambi omunye komunye, kodwa uJesu Kristu uyakwazi; ukuze nje ungakugeji. Uzizwa ukahle manje na? Yeka ukukhathazeka, konke sekuphelile. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

206 Nakho kuhlezi indoda, ihlezi khona emuva lapha ohlwini, ihlezi khona emuva lapho. Leyondoda ihlushwa yisibhono. Iyisihambi. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Awulidingi, uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke. Uma siyizihambi, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Uyindoda nje, uyangena, wahlala phansi. Ngabe kunjalo na? Kodwa ushisekele ukuba lesisibhono siphulukiswe. Kulungile. Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungaba nakho. Amen.

207 "UNkulunkulu Ebantwini baKhe," "UNkulunkulu Emhlabeni waKhe nezulu," "UNkulunkulu ENdodaneni yaKhe," "UNkulunkulu Ebantwini baKhe." Uyakukholwa na? Ake ngikukhombise okuthize ongeke. . .ungahle ungakwazi. Nakhu kuhlezi owesifazane, ehlezi khona lapha, engibuka. Ufuna ukwenza okulungile, uzama ukwenza okulungile. Unomkhuba wokubhema ugwayi, uzama ukuwuyeka. Kunjalo. Uma uzo. . .Ngabe kunjalo, Nenekazi na? Ungabi namahloni. Yima ngezinyawo zakho umzuzu nje. Ngiyisihambi kuwe. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo; awulidingi, uyangikholwa. EGameni likaJesu Kristu, ngiyamqalekisa lowodeveli! Kwangathi ungephinde ufise omunye. Hamba futhi uphile eGameni likaJesu Kristu.

Ngiyakucela ukuba ukholwe iNkosi uJesu Kristu. UyaYikholwa na?

208 Inenekazi lihlezi emuva khona lapho, umfutho wegazi ophakeme, inkathazo yenhliziyo. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, Nenekazi, uNkulunkulu uzokusindisa. UNkulunkulu akubusise. Hamba uye ekhaya, uphile. UNkulunkulu uyakuphilisa. Uyakukholwa na? Ungangabazi nje.

209 Inenekazi elihlezi khona lapha liyangibuka. Haleluya! Liyagula, liyamangala ukuthi kwenzenjani. Linomdlavuza, futhi linesikhwama esinobomvu noma isimila elikhathazeke ngakho. O, ngethemba ukuthi alikugeji. Nkulunkulu yiba nomusa. Nkosazana Knorr, kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Amen. Siyizihambi omunye komunye, angikaze ngimbone empilweni yami. Uma siyizihambi phakamisa isandla sakho, Nenekazi.

Umi lapho, ukhuleka, uyazi ukuthi ufanele ufe uma okuthize kungenzeki. Ungesabi; ngeke ufe. Kholwa eNkosini uJesu Kristu futhi uzakuphila.

210 "UNkulunkulu Emhlabeni waKhe nezulu," "UNkulunkulu EZwini laKhe," "UNkulunkulu ENdodaneni yaKhe," "UNkulunkulu EBantwini baKhe!" Uyakukholwa na? "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Kushanela kuzo zonke izethameli. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke manje na?

211 Bangaki kini ababakholwayo abelusi benu, phandle lapha, ukuthi bayindoda kaNkulunkulu na? Phakamisani izandla zenu, uma nikholwa abelusi benu. Benifanele, unguye nje kakhulu, njengo . . . khulekela abagulayo njengami. Bazalwane, yehlelani phansi lapha kanye nami, ngifuna nina, khulekani kanye nami, nalababantu futhi. Yehlelani khona phansi lapha. Woza lapha, Roy, bamba *lokhu*.

212 Ngifuna wonke umuntu, kulomugqa lapha, onamakhadi omkhuleko, asukume ngakulokuhlangothi, ngapha ngqo. Sukumani khona lapha, wonke umuntu. Lithini iBhayibheli na? "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla kwabagulayo, bayosinda." Uyakukholwa lokho na? Uyakholwa ukuthi ngiyikholwa na? Uthi, "Amen." Uyakholwa ukuthi umelusi wakho uyikholwa na? Yithi, "Amen." Kulungile.

213 Manje, sizonibiza uhlu ngohlu, ingxenye ngengxenye; leyongxenye kuqala, lengxenye ilandele, leyo ilandele, leyo ilandele. Ningezi ngezindlela zombili, nizoxovana phezulu lapho, futhi ngeke nikwazi uku—ku . . . Lalela uMfowethu Roy, lapha, manje.

214 Futhi abelusi, bangaki abanye abelusi abakholwayo olapha, olikholwa ngempela iVangeli, abelusi beVangeli eligcwele, kwangathi . . . ningahle nibe yizihambi, ningathanda ukukhuphuka futhi nime nathi bazalwane na? Asixoshi muntu ebandleni. Siyakholwa uma uyikholwa kuKristu . . . Ngabe kunjalo, mfowethu na? Ngabe kunjalo, mfowethu na?

215 Uma umelusi wenu elapha, niyakholelwa ekukhulekeleni abagulayo, akunandaba . . . Uma uyikholwa kuKristu futhi ukholwa ukuthi lokhu kungokukaKristu, woza lapha futhi ufole lapha, futhi yenza umsebenzi wakho, njengendoda kaNkulunkulu, ukuma lapha futhi ungisize ngikhulekele abagulayo nabahluphekile. Khuphukelani lapha, belusi.

216 Yenzani umugqa okabili ngalapha. Ngizokwehlela lapho kanye nani, ngomzuzwana nje, sizokhulekela wonke umuntu ogulayo. Angifuni ukuma futhi ngikhulume isikhathi eside, ngifuna nidlule ngenkathi lolugcobo lusephezu kwami. Uyakholwa manje ngenhliziyo yakho yonke na? Khuphukelani lapha ngqo, belusi, ingxenye . . . abanye benu wozani ngapha. Ngena ngqo phakathi kwalaba, khona phakathi lapha, futhi

nibumbe umugqa okabili. Kuhle lokho. UNkulunkulu anibusise. Kulungile. Ake sicule leli culo futhi, sonke ndawonye:

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Manje, zonke izinto ziyenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela . . .

217 Manje, umugqa uzobe uqhamuka ngapha, bantu. Ungaletha lesosihlalo esinamasondo, silethe sizungeze ngalena enye indlela, ngoba ku—kuzofanele kudlule ngalendlela, ubathole bonke bezovekile.

Zonke izinto ziyenzeka . . .

Manje, asikhothamise amakhanda ethu, sivale amehlo ethu, siphakamise izandla zethu.

Nkosi, ngiyakholwa,

Wonke umuntu manje. Mhlonipheni . . .?. . .

Zonke izinto ziyenzeka . . .

[UMfowethu Roy Borders uyaqhubeka nokucula, bese eqala ukuqondisa umugqa womkhuleko. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . . Ngiyakholwa, Nkosi, ngiyakholwa,
Zonke izinto ziyenzeka, Nkosi, ngiyakholwa.

218 Ngenhliziyo yami yonke, ngiyakholwa. Ngicabanga ukuthi niyazibuza, abaningi benu, ukuthi kungani ngingasukanga kolunye uhlu ngiye kolunye, futhi abaningi benu bangiqaphelile ngithatha isandla senu kwesami. Nikuqaphelile lokho na? Bangaki abakuqaphelile na? Phakamisani izandla zenu. Bengibheka ukuthi bekwenzekani ngemva kokuba labo befundisi ubebeka izandla phezu kwabagulayo. Futhi ngizosho lokhu, ngenhliziyo yami yonke, ukuthi okungenani amaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili abo aphulukisiwe ngaphambi ngisho kokuba baze bafike lapho engangikhona. Bekungekho nhlobo ukungqangqazela kubo. Kunjalo impela. Yilokho ebengikuhlolele khona. Abelusi benu banokukholwa, bantu, kholelwani kubo nje.

219 Ngiyanithanda. Ngikholwa ukuthi ningabantwana bakaNkulunkulu. Ngikhulekeleni, ngizonikhulekela, futhi ngethemba ukuthi sizohlangana futhi. Kuze kube yilesosikhathi, “Size sibonane.” “Size sibonane futhi.” Wonke umuntu, ndawonye manje. Niyayithanda iNkosi, yonke inhliziyo yenu na? Kulungile. Sonke ndawonye manje. Ngizokukhulekela, ungikhulekele. Kulungile.

Size sibonane! size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;
. . . sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

220 Asikhothamise amakhanda ethu manje, ngenkathi lowomculo omnandi . . . Cabanga ngezikhathi ezimnandi esibe nazo. BanoMbukiso Womhlaba oqhubekayo phezulu lapha, lapho izwe lonke likhombisa impumelelo yalo yesayensi. Kodwa iBandla liyakuqonda ukuthi, khona lapha, uNkulunkulu unoMbukiso woMhlaba, ekhombisa izimpumelelo zaKhe, lokho Akwazile ukukwenza ngeBandla laKhe.

221 Ngiwujabulele wonke umzuzu we . . . wonke umzuzu. Ngiza kini ngikhathele, njengenjwayelo, kodwa ngizophinde nginibone ngolunye usuku. UNkulunkulu anibusise manje. Sisahamisha leloculo ndawonye, phefumulelanani umkhuleko omncane, size sibonane.

UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi.
(. . . ? . . .)
Size sibonane! size . . .

222 Nkosi Nkulunkulu, yiba nabo futhi ubasize, size sibonane, Baba, manje, ngeGama likaJesu, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

